www.kznonline.gov.za

KWAZULU-NATAL PROVINCIAL GOVERNMENT

# SIMAMA

USHICILELO LWAMAHHALA LUKAHULUMENI WESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATAL

USHICILELO 217 • **JUNE 2017**

# UNDUNANKULU UMEME INTSHA UKUBA IBAMBE IQHAZA KWEZOMNOTHO



UNdunankulu waKwaZulu-Natali uMnu Willies Mchunu uhlabe inhlabamkhosi entsheni yesiFundazwe ebise-Nordale Sports Ground eMtubatuba ukuba ibambe iqhaza kumnotho wezwe. Uphawule kanjena ngenkathi ethula inkulumo yakhe kubantu abasha ebebevela kuso sonke isiFundazwe saKwaZulu-Natali. **Udaba ekhasini 3**

REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

KWAZULU-NATAL PROVINCIAL GOVERNMENT

OPERATION VULA LAUNCH

27 JUNE 2017

08h00 • Morningside Sports Ground • IXobho



"Actioning radical economic transformation in KZN"

KZN Provincial Communications_2017

# OKUNGAPHAKATHI










## UMKHUBA NESIKO LOKUTHWALWA KWEZINTOMBI KUSHUKUMISE INKUNDLA ENYAKATHO

### IKHASI 4

UMnyango Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natali usuqalile ukuhlangisana izithangami zokubonisana mayelana nokuqedwa kwesihlava sodlame olubhekiswe kwabangenamandla okuzilwela emphakathini ikakhulukazi abesifazane.

## IMINDENI EBUMBENE IBALULEKILE EKWAKHENI IMIPHAKATHI EQOTHO

### IKHASI 6

UmA umndeni ubambisene futhi uqinilie kubalula ukulwa nazo zonke izingqinamba kanye nobubi obukhona emphakathini.

## UHULUMENI WAKWAZULU-NATAL UGIXABEZWE NGEMISHINI YOKULWA NEMILILO EBIZA IZIGIDI ZAMARANDI

### IKHASI 8

IsiFundazwe saKwaZulu-Natali sehlelwe inhlanhla engandele abaningi njengoba sithole uxhaso lwemishini ebiza izigidi zamarandi, kanti futhi eseqophelweni eliphezulu yokulwa nohwanguhwangu lwemililo kwisikhwama saseMelika sezimo eziphuthumayo esaziwa nge – 911 Fund.

## UMVELASE UTHEMBISA UKUWUBEKA EBALAZWENI UMNYANGO WEZOLIMO

### IKHASI 12

Lubukela luluhle futhi luzoba nemiphumela eqhakazile uhlelo olusha olufumbethwe nguMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yasaMakhaya KwaZulu-Natal.

## UDLUNGWANA NOHLANGA LOMHLABATHI OHLELWENI LWEZOKUTHUTHUKISA EZEMFUNDO

### IKHASI 15

UMphathiswa weZemfundo KwaZulu-Natali, uMthandeni Dlungwana, uhambele eNdlunkulu KuNgangezwelakhe, esigodlweni sasoSuthu KwaNongoma, zingu 19 kuNhlangulana 2017.


## MAYELANA NALOLU SHICILELO

Ushicilelo lukaHulumeni wakwaZulu Natal olusemthethweni. I-Simama iqukethe phakathi kokunye izindaba, imibiko, nezimemezelo zaHulumeni wesiFundazwe.

**Ishicilelwa kabili ngenyanga.**

Uma unesifiso sokuthola ikhophi yakho ithunyelelwe esikhungweni sakho esifana nesikole, umtapo wolwazi, isibhedlela, ungathintana neHhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natali: 033 341 3300 noma simosenkosi.chamane@kznpremier.gov.za
**Liyatholakala naku:** www.kznonline.gov.za


**Ithimba elihlanganise iphephandaba:**


**Umhleli omkhulu:**
Mahlathi Tembe

**Umhleli wamakhasi nezindaba:**
Bonga Khoza

**Abezithombe eHhovisi likaNdunankulu:**
Zandile Shange no Themba Mntyali


© KZN Provincial Government

KWAZULU-NATAL
PROVINCIAL GOVERNMENT



# UNDUNANKULU WAKWAZULU-NATAL UMEME INTSHA UKUBA IBAMBE IQHAZA KWEZOMNOTHO

■ Yize uHulumeni esebenza kodwa lokhu akwanele ngoba abafundi abaningi baphuma emizini entulayo okuletha ithemba nakulabo abaseza.

**CUTHBERT NZUZA**



*UNdunankulu wesiFundazwe saKwaZulu-Natal uMnu Thembinkosi Willies Mchunu ethula inkulumo.*
***Isithombe:** THEMBA MNTYALI*

UNdunankulu waKwaZulu-Natali uMnu Willies Mchunu uhlabe inhlabamkhosi entsheni yesiFundazwe ebise-Nordale Sports Ground eMtubatuba ukuba ibambe iqhaza kumnotho wezwe.

Uphawule kanjena ngenkathi ethula inkulumo yakhe kubantu abasha ebebevela kuso sonke isiFundazwe saKwaZulu-Natali.

Eqhuba inkulumo yakhe okaMacingwane umeme intsha ukuba kube neqhaza elibambayo ukushintsha izimpilo zabantu besiFundazwe.

Uthe umlando uyasikhumbuza ukuthi intsha yamandulo yayinemibuzo eyayiphila nayo njalo kodwa ifuna izimpendulo zayo.

"Yikho namuhla sithokozela inkululeko ngenxa yeqhaza elabanjwa intsha ekutholeni izimpendulo ababezifuna.

Isihluku nonya lobandlululo lwandlondlobala kanzima ngenxa kahulumeni owawungenandaba nendlu emnyama.

Ukuthula okwakukhona esizweni kwashabalala ngenxa yentsha eyabe isilungisa isimo sokuxhashazwa ubandlululo okwagcina isihlonishwa nangabantu abadala ngoba isimo sawo 1950s-60s sase-Sharpville sokubulawa kanye nokuboshwa kwabaholi bethu saqedwa yintsha ngokuthi ibhukule ithi sekwanele," kubeka okaMacingwane.

UNdunankulu uthe intsha yango 1976 yabanesibindi ngoba yangena emgwaqeni yako-Soweto, Sharpeville, Sebokeng, KwaMashu, eMlazi, Mdantsane, Duncan Village, Kwa Langa, Gugulethu nakwamanye amalokishi kwaze kwathinteka nezindawo zasemakhaya ukubala nje eMzansi okwenza uhulumeni wobandlululo kanye namaZwe omhlaba ethuke. u Africa entsha nombuso wobandlululo uthambe.

Ubandlululo lwalusho ukuthi bonke abengenalo ibala elimhlophe ngokwemvelo yobuhlanga mabaphucwe amalungelo enkululeko yokukhuluma, izindawo zokuhlala, ubunikazi bomhlaba, imfundo, ezempilo njalonjalo.

NgoMbasa ngonyaka ka-1994 mhlaka 27, kwashintsha lokho okwaba usuku lomgcwabo wobandlululo. Namuhla iZwe lethu linenkululeko ejabulelwa umuntu wonke womzansi kanti futhi linoMthethosisekelo ohlonishwa umhlaba wonke," kubeka okaMacingwane.

"Kulonyaka simema intsha yaKwaZulu-Natali njengohulumeni ukuthi ayisize ibambe igxathu ekushintsheni isimo somnotho wezwe lethu. Intsha ayifake isandla ingene kwezamabhizinisi okungadala ukungena enkululekweni yesibili yezwe lethu ngakwezomnotho.

Uma intsha yaKwazulu-Natali inenkululeko yezomnotho kungenza isimo sezomnotho sishintshe kanye nezimpilo zabantu futhi. Ekukhumbuleni ighaza lethu uTata Oliver Reginald Tambo, sithe asimeme intsha bese silandela isiqubulo salonyaka esithi, "Sisondeza intsha enkululekweni yezomnotho" kubeka uMnu Willies Mchunu. "UHulumeni ubebekele inani lika R3, 5 billion emkamweni weminyaka emine edlule ukuhlinzeka abafundi abantulayo ngemifundaze kulesisiFundazwe.

Balinganiselwa ku-15 000 abafundi abahlomulile bathola iziqu ngayo lemifundaze ekhishwa uhulumeni wesiFundazwe.

Kuyo leminyaka edlule emine bawu 10 000 abafundi abafunda umsebenzi eminyangweni eyahlukene kahulumeni okudle uhulumeni imali ewu R200 million," kubeka okaMacingwane.

"Yize uhulumeni esebenza kodwa lokhu akwanele ngoba abafundi abaningi baphuma emizini entulayo okuletha ithemba nakulabo abaseza.

UHulumeni kumanje ucela usizo ezinkampanini ukulekelela ukuqeda ingwadla le abhekene nayo. Ithuba lemifundaze yaphesheya isiFundazwe sesayithula kanye nokuthola amathuba okuthi abafundi bakwamanye amaZwe nabo beze la ezweni lethu bazothekela.

Lombono weSifundazwe inhloso yawo ukuthi kuthuthukiswe intsha yethu kanye nehlalonhle," kubeka okaMacingwane.

UMacingwane usecele uphiko lwentsha ehhovisini lakhe ukuthi lulethe uhla lwentsha ephethe nebambe iqhaza nakoMasipala ekuthuthukisweni kwentsha kwisiFundazwe.

Loluhla lufuneka kungakapheli inyanga yetsha ehhovisi lakhe uMacingwane. Kusuka kuHulumeni oMkhulu, oweziFundazwe kanye noMasipala kufanele kusetshenziswane ekuzeni nezinhlelo ezizothuthukisa intsha ngqo yeZwe lakithi.

UMacingwane esephetha inkulumo yakhe uvuselele Ubuntu entsheni waphinda wakhuza intsha ukuba iyeke ukudla izidakamizwa.

Ube esebatshela ukuthi ukuzifaka kulezi nhlobonhlobo zezinto kwenza umuntu aphelele ejele abulale ikusasa lakhe.

Ukuphuza noma ukudla izidakamizwa kugcina umuntu ehlupha izingane futhi eshaye nabesifazane okungeyona impilo leyo kanti le eyokubulala abesimame ayisalanga nayo.

Ucele intsha yonke yesiFundazwe ngokungakhethi kungabe esuka emakhaya, emalokishini nasemadolobheni amancane ikakhulukazi leyo eyakhele omasipala ukuba ibambe iqhaza ilingise intsha yango 1976 ukuze nayo ihlomule kwezomnotho okungadala ushintsho ezimpilweni zayo.



# UMKHUBA NESIKO LOKUTHWALWA KWEZINTOMBI KUSHUKUMISE INKUNDLA ENYAKATHO

**STHEMBISO SHANGASE**

UMnyango Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natali usuqalile ukuhlangisana izithangami zokubonisana mayelana nokuqedwa kwesihlava sodlame olubhekiswe kwabangenamandla okuzilwela emphakathini ikakhulukazi abesifazane.
Esinye salezizithangami besibanjelwe ezindlini zomkhandlu kamasipala eMtubatuba enyakatho nesifundazwe. Phakathi kwezihloko ebezishisa ibunzi kubala inqubo yokuthwalwa kwezintombi, isithembu kanye nomkhuba omubi wokubulala abantu abanebala elimhlophe ngoba kuyokwakhiwa umuthi wenhlanhla. Izikhulumi oMnuz Yan Sithole wenhlangano elwela amalungelo nokuvikeleka kwabebala elimhlophe enyakatho kanye noMnuz Madoda Zungu oyisazi samasiko bageqe amagula mayelana kokuthi yini isiko nokuthi yini ubuthakathi nobunswelaboya.
UMnyango Wezobuciko Namasiko ukugcizelele ukuthi loluhlobo lwengxoxo lusazoqhubeka nakwezinye izingxenye eziningi zesifundazwe ukuze abantu bazi nangamalungelo abo.
Izikhulumi zonke zivumelene ukuthi izingane zesikole azithwalwa futhi ukuthwala umuntu eningavumelene naye kuyichilo nento eyicala elibomvu.
Umhlangano uzwe nokuthi izishimane ezingokhanda liyaduma yizo ezingobhongoza ekubhozomeleni noma iyiphi intombi ziyithwale maqede ziyiphonse elawini ngoba zijahe ukulala nayo nje qha.
Izazi zamasiko ebezikhona zivumelene ukuthi isiko lithi kwakuthwalwa umuntu okusuke kuhleliwe naye ukuthi usezothwalwa futhi nalapho akayiswa elawini lensizwa kodwa uyiswa endlini enodadewabo bensizwa bese kuvuka abakhongi baqhube izinkomo bayobika kubo kwayo intombi bethi funela nganeno. Zithi lokhu kwakudalwa ukuthi intombi isiyabona ukuthi amaqhikiza asefuna ukuqomisa lapho ingathandi khona noma lona oyithwalayo akazo izinkomo ezanele. Uma intombi yeqa isithwaliwe kuye kucace ukuthi kusho ukuthi ucu aluhlangani.
Kuvunyelwene ukuthi uma kunomuntu obhozomela izingane zabantu azithwale lokho kuyicala

elingabikwa ngisho kwabomthetho aboshwe ngakho akuyona into okufanele ikhuthazwe. Udaba lwesithembu lunyakazise indlu yonke njengoba iningi labesifazane abebekhona bebesichitha kodwa ininhgi labesilisa belisivuna.
Kugcine kuvela ukuthi isithembu esithathwa kungaxoxiswananga kwavunyelwana phakathi komyeni nenkosikazi yokuqala, sidala inkinga nengxabano emndenini.
Ingxoxo igcine seyicaphuna nasebhayibhelini ukuthi isithembu sihlanzekile yini kodwa kwagcina ngokuvumelwana ukuthi masingaphoqwa. Owenhlangano yabanebala elimhlophe uMnuz Yan Sithole uvezele umhlangano ukuthi ukuhlukumezeka kwabo kuqala emakhaya, kuphumele emphakathini ezikoleni nakuyoyonke indawo. UMnuz uSithole ukuchithile ukuthi abantu abanebala elimhlophe abashoni bayanyamalala, nendlu yamvumela njengoba abanye baze baletha izibonelo ngezihlobo zabo ezashona zangcwatshwa njengawowonke umuntu.
Kuvele nokuthi othisha abaqeqeshekile kahle ngokuthi yiziphi izidingo zabo njengoba iningi lezingane ezinebala elimhlophe zinenkinga yokubona kahle. Umfoka Sithole uthi abantu abaningi baze baqala ukuqonda usizi oluthwelwe abantu abaphila nebala elimhlophe ngokuthi kubulawe owesifazane waseManguzi eNyakatho yeKwaZulu Natali u Nanana okwathi emva kwesikhathi kwaboshwa abasolwa okwakukhona nenyanga eyaziwayo phakathi kwabo.
Ingxoxo ivalwe ngokuthi kuthiwe kusafanele iqhutshwe iye kubona bonke abantu ukuze bafunde ukuhlalisana nabanye nokuthi kuchithwe izimfundiso nezinkoleloze ezidala ukuthi kubulawe abantu ngoba kucatshwangwa ukuthi kukhona imithi yenhlanhla eyakhiwa ngezicuyo zabantu.



*Umkhuba nesiko lokuthwalwa kwezintombi kushukumise inkundla enyakatho*

# Umbukiso wemikhakha yemisebenzi engafundelwa

**VUSI SHABALALA**

NgoLwesibili lomhla ziyi-6 kuNhlangulana, Umnyango Wezemisebenzi Yomphakathi welekelele ngakho konke okumqoka ngenkathi kunombukiso womnyango wemikhakha yemisebenzi engafundelwa obuhlelwe yiHhovisi Lesifunda i-Midlands ngokubambisana noNk. Zandile Ngema, oyiKhansela leWadi, eMatimatolo endaweni yase-Greytown. Enkulumweni yakhe yokwamukela, uMnu. TW Mabaso, onguthishanhloko wakubeka kwezwakala ngenkathi ebonga iqhaza elibanjwe uMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi ekuqinisekiseni ukuthi abafundi bayahlomula kulolu hlobo lombukiso, futhi okuyinto ezohlomulisa nomphakathi waseMatimatolo.
Ngokusho kwakhe, ukuvakashelwa kwesikole sakhe bekuwuphawu lokunakekela kanye nokusiza. Kulezi zinsuku kusobala ukuthi imibukiso yemikhakha yemisebenzi engafundelwa iqondwa kahle hle yiminyango enentshisekelo kanye nalabo esebenzisana nabo ngokuba nezinhlosongqangi ezifanayo. Kulo mhlaba ogubezelwe yizinselelo, akukho hulumeni, sikhungo kumbe usomabhizinisi ongaletha inguquko kwezomnotho ngaphandle kokwesekwa omunye umuntu asebenzisana naye, ababambiqhaza abamqoka ngokunjalo nomunye nomunye.
UMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi uhlose ukuletha uzinzo kulo msebenzi ozibophezele kuwona. Ngombukiso wemikhakha yemisebenzi engafundelwa, uMnyango uhlose lokhu okulandelayo: ukwenza izethulo kubafundi maqondana namathuba ehlukahlukene emisebenzi engafundelwa ehlinzekwa uMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi, ikakhulu imisebenzi esemkhakheni wezokwakha; ukuhlinzeka abafundi ngezeluleko eziphusile maqondana nezifundo ezifanele abangazithatha baqhubeke nazo ezikhungweni zemfundo ephakeme lapho beyofundela umsebenzi; ukuhlinzeka abafundi ngobufakazi obuphathekayo obukhombisa ubuqiniso nomthelela wezinhlelo zikahulumeni zokuthuthukisa intsha; ukuvulela abafundi inkundla yokuxoxisana ngendlela efanele nabazali babo kumbe nalabo abangababheki babo (lokho nje okuyikhona) okungumhlahlandlela wemfundo yakusasa kanye nokuqoka imikhakha abangayifundela; ukunikeza abafundi ithuba lokuqoka ngendlela ephusile imikhakha abangayifundela okuzoletha inguquko kwezomnotho emiphakathini abahlala kuyo; ukunikeza uMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi ugqozi lokuphucula indlela yokuhlela kahle izithangami zokweluleka abafundi ngemikhakha yemisebenzi abangayifundela, ngokuheha intsha, abesifazane kanye nabantu abakhubazekile bakulesi siFundazwe ukuze baqoke imisebenzi esemkhakheni wezokwakha; ukwandisa inani lezingcwepheshi kule misebenzi engamakhono antulekayo kuwona umkhakha wezokwakha okuzoletha uzinzo ezimpilweni zazo zonke izakhamuzi zeSifundazwe saKwaZulu-Natali.
Lwalulude uhlelo losuku njengalokhu zonke izikhulumi zazethula izihloko ezimqoka ngobuciko futhi zingashiyi noluncu olumqoka. Izihloko ezimqoka ezadingidwa kwaba ngeziqondene nomfundaze, izinhlelo zokuthwasisa (Internship) kanye nezokuqeqeshelwa emsebenzini (in-service training). UDolly Hlongwane ongumsebenzi ophikweni Lwezabasebenzi olubhekele iMpilo Nenhlalakahle yaBasebenzi, eHhovisi Lesifunda i-Midlands, waluphatha ngesinono nangobuchule uhlelo ngangokuthi zonke izikhulumi zathola isikhathi esanele sokwethula konke okuzohlomulisa abafundi.
Izethulo zazihluba udlubu okhasini, impela zabavula amehlo abafundi. Isigaba semibuzo senza abasebenzi bezeMisebenzi Yomphakathi kwabakhanyela bha ukubaluleka kwemibukiso yemikhakha yemisebenzi engafundelwa. Bonke abethula izinkulumo ngaloluya suku babelokhu bebongwa ngapha nangapha.
Ngokujwayelekile abantu baye bakholwe yilokho abazizwela kona kumbe abakubonayo. UNk. Sbongumusa Khumalo owaqala ukusebenza eHhovisi leSifunda eyiThwasa ngonyaka wezi- 2011, okumanje uselindele ukurejistwa kwakhe ngokusemthethweni njengeNgcwepheshi Kwezokuphathwa Kwemiklamo, nguyena owethula isethulo esimaqondana neMikhakha Yemisebenzi Engafundelwa Kwezokwakha. Inkulumo yakhe yayigxile ekutheni yena siqu ungubufakazi obuqanda ikhanda kanjalo nalokho akuzuzile. Iningi labafundi impela lahlabeka umxhwele ngenkathi elilandisa ngezigaba zempumelelo yakhe futhi akungabazisi ukuthi uSbongumusa uhlwanyele inhlansi yethemba lokuphumelela kubafundi. Siyabonga siyanconcoza kuMnu. Samukelo Shabalala, naye ongumfundi osohlelweni Lokuqeqeshelwa emsebenzi (In-Service Training Programme) owethula inkulumo engubufakazi emfishane kepha enohlonze. Isiqubulo sakhe esithi, 'YES WE CAN' okuhumusheka ngokuthi "IMPELA SINGAPHUMELELA" esenza abafundi ababeyizithameli baba nogqozi bahlokoma ngokwesasa ngenkathi abanye beqhumisa umkikizo benanela inkulumo kaSamukelo. Ngiyamzwela owangekho ukuzozibonela ngawakhe lo mcimbi.
USamukelo yena uqale kulolu hlelo kusukela mhla lulu-1 kuNtulikazi wezi-2016 waphothula zingama-31 kuZibandela wezi-2016. Ngenhlanhla, inkontileka yakhe yavuselelwa mhla lulu-1 kuNhlangulana wezi-2017 ezoze iphele mhla zingama-31 kuNhlaba wezi-2018. Kuyiqiniso ukuthi ukholwa ngokubona. Indlela ekusa empumelelweni incike kulokho okhetha ukukwenza.
Sekuya ngasemaphethelweni ohlelo, abafundi ababili okunguSilindile Angel Dubazane kanye noLindelani Mcebo Mbatha bobabili abenza ibanga le-11 G no-E, ngokulandelana, bethula amazwi okubonga ngokudedelana.
Kufanele kubalulwe ukuthi kudinga ukugqugquzeleka, ukucophelela, ukuzethemba, ukuzithiba kanye nentshisekelo nogqozi njengalokhu laba ababili besukume ngokuzithandela bethula amazwi okubonga bewumlomo wabazali, wothisha, wozakwabo kanye nawontanga.
Ukubuyela kancane nje emuva ohlelweni, uNk. Ngema oyikhansela unxuse umnyango ukuba uzibophezele uqhubeke weseke lolu hlelo njengalokhu lukhombisa ukuthi aluzohlomulisa abafundi kuphela kodwa ngisho nomphakathi waseMatimatolo imbala. Ubelokhu ekugcizelela ukuthi abafundi besikole iBusana High bazibophezele ukuthi bazokwenza konke okusemandleni ekutheni baphumelele. Kuye kwabongwa kwanconcozwa koNk. Dolly NA Hlongwane, uNk. BG Hadebe, uNk. NP Madlala, uNk. NC Ndumo kanye nethimba lonke ngokuba banikezele ngezimpahla ezibalulekile esingabala kuzo izikhwama zokufaka izincwadi (tutorial carry bags) zabafundi babafana nabamantombazane kanye nemisubelo (sanitary pads) kulawo mantombazanyana aswele ngempela.
Impela lokhu kube uphawu lokweseka kanye nokuletha ithemba kubafundi, lapho belidinga khona kakhulu. Abakwa-Cell C Ltd, inkampani yezinsizakuxhumana yaseNingizimu Afrika ngokuhlanganyela noPhiko Olubhekelele Ezempilo Nenhlalakahle Yabasebenzi ehhovisi lesifunda i-Midlands nabo banikezele ngezimpahla.
Lokhu kubambisana kuyohlala kusemqoka ngendlela engasoze yalibaleka ekufezekiseni umsebenzi uMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi ojutshelwe ukuba uwenze.
Kuyahlaluka ukuthi ukubambisana kwababambiqhaza kuhlale kumqoka ekufezekisweni kwezinhlelo zikahulumeni.
Sengiphetha, kufanele umnyango ubhekelele ukuthuthukisa lezi zinhlelo ezifuze lezi. Imibukiso yemikhakha yemisebenzi engafundelwa akumele kube yizinhlelo nje zokuchitha isikhathi kodwa makube yizinhlelo ezithela izithelo ezibonakalayo ezizolekelela ukubhekana nesidingo esinqala sokudala amathuba okuqeqesha, okuhlomisa ngamakhono emisebenzi ngisho nokuqasha abafundi, ikakhulu labo abaqhamuka ezindaweni zasemakhaya.

SIYABONGA MAPHUMULO

# UMnu SIHLE ZIKALALA

UNGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHUKISWA, KOMNOTHO EZOKUVAKASHA NOKONGIWA KWEMVELO KWAZULU-NATAL



# SELIDUMELA EMASUMPENI NGELOKUXOSHA IKATI EZIKO KWABAMNYAMA

**UHLELO** lwesifundazwe saKwaZulu-Natali sokuphuthumisa ukuguqulwa komnotho ukuze uhlomulise ababencishwe amathuba enkathini edlule, ikakhulukazi isizwe esimnyama, intsha kanye nesibhuda, seludonse ngisho amehlo kaMengameli wezwe uJacob Zuma njengoba kulelisonto esibheke kulo ezokwethula loluhlelo ngokusemthethweni.

Loluhlelo olwaziwa ngokuthi yi-Operation Vula kanye neRadical Agrian Socio-Economic Transformation (RASET) kuhloswe ngalo ukuthi kusetshenziswe izinhlaka kanye neminyango ehlukahlukene kahulumeni ukuze kuhlonyuliswe osomabhizinisi abamnyama kubalwa kubo labo abagxile emkhakheni wezokulima.

Kulo leli sonto elizosombuluka, uMengameli wezwe uJacob Gedley'hlekisa Zuma uzophelezelwa undunankulu wesiFundazwe uWillies Mchunu kanye nongqongqoshe uma loluhlelo selwethulwa ngokusemthethweni endaweni yaseXobho ngaphansi kukamasipala wesifunda iHarry Gwala District.

Ukuqinisekisa ukuth zonke izinhlaka zomphakathi – kubalwa nezinkampani ezisebenza ngasese – ziyalweseka loluhlelo, kulamasonto nezinyanga ezedlule ungqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo uSihle Zikimhlangano yokuchaza kabanzi ngaloluhlelo.

Phakathi kwahlangane nabo kubalwa abemboni yezokuvakashi nezitolo ezinkulu phecelezi hotel and retail sector lapho achaza khona ukuthi ukuze i-Operation Vula kanye neRASET iphumelele akumele abezimboni zangasese bamele kude babukele uHulumeni ubhukula wodwa kepha nabo bazimisele ngokuphonsa itshe esivivaneni kwazise akudlulwa ngendlela indlu yakhiwa.

"Umgogodla wohlelo lwethu lwe-Operation Vula ukuthi izinhlaka kanye neminyango kahulumeni ivulele osomabhizinisi bethu abamnyama iminyango, ithenge kubo izimpahla ezithile ezifana nemifaniselwano, ifenisha, okokuhlanza, njl, njl ukuze bakwazi ukwenza inzuzo baphinde futhi badale namathuba emsebenzi nokuyinto eswelakele kakhulu, hhayi nje KwaZulu-Natali kuphela kepha ezweni lonke." Kanti uhlelo luka-RASET lona kubhekwe ukuthi lusize abalimi abamnyama ekutheni bangagcini nje ngokusebenzela eziswini ngokuthi isivuno sabo siphelele ebhodweni kumbe basidayisele omakhelwane kepha nabo bakwazi ukuthi umkhiqizo wabo udayiselwe uhulumeni, amahhotela kanye nezitolo ezinkulu.

"Uma nje sibheka imali ekhishwa uhulumeni uthenga ukudla okuvela emhlabathini, kuyahlaluka ukuthi imimnyango emithathu okungoweZemfundo, oweZenhlalakahle kanjalo nowezeMpilo kulesisifundazwe ikhipha imali enguR2.2 billion.

Kepha kulemali sithola ukuthi abantu bethu abazuzi lutho.

Lokhu-ke akusimangazi ngoba uma ubheka umlando wezokulima kuleli kuyavela ukuthi iningi labantu abamnyama balima nje iziqeshana ezincane zomhlaba kuthi amaplazi amakhulu nokuyiwo akhiqiza ukudla esikuthengayo abe sezandleni zabebala elimhlophe."

Uzikalala waqhuba wathi ngaphansi kweRASET lokhu kuyomele kushintshwe ukuze abantu abamnyama kubo yibo abahlomula ngokubonakalayo kuhulumeni wabo.

"Uma ubheka izinkomba zakamuva zezinto ezifaka imali enkulu emnotheni wezwe uthola ukuthi ezolimo zifaka u22% nokusho ukuthi lona umkhakha ongadala amaningi amathuba emsebenzi uphinde utakule abamnyama enhluphekweni.

Uma uMengameli wezwe umhlonishwa uJacob Gedley'hlekisa Zuma esethula loluhlelo ngoLwesibili, esibheke ukukuzuza ukuthi iningi labalimi abamnyama ababalelwa ngale kuka 19 000 KwaZulu-Natal kube yibo abahlomulayo kulo," kuphetha uZikalala.



BRENDA MQWAMBI

# Intsha yasesifundeni iKing Cetswayo ibheme yakholwa ngozinhlelo zezolimo

Intsha yesifunda sase King Cetshwayo ibe nehlanhla eyisimangaliso njengoba iPhalamende leSifunda saKwaZulu-Natal lihambele indawo Esikhaleni enyakatho yesifundazwe, ngenhloso yokuzonika intsha ithuba lokuba izimbandakanye ekubusweni kweSifundwazwe kanye nokuyinika inkundla yokuphakamisa izinto eziyithintayo.

Ukuhambela kweSishayamthetho ngenyanga kaNhlangulana (June) nokuyinyanga yentsha kuyinto eyenziwa minyaka yonke ezindaweni ezehlukene ngenhloso yokulalela abantu abasha.

Lokhu kuyindlela yokuqguqguzela intsha ukuba izimbandakanye ezinhlelweni zikaHulumeni futhi ikuqondisise kahle ukusebenza kweSishayamthetho.

Kuningi okuvelile ngeqhaza elibanjwe yintsha kulendawo kwezolimo, intsha eningi iyakujabulela ukungena emkhakheni wezolimo.

Bakubona kuyindlela engcono ekutheni bagxile emukhakheni wezolimo njrngoba namathuba omsebenzi entuleka nje.

Kungesikho ukuthi intsha yakulendawo ifuna ukungena kwezolimo ngenhloso yokufundela lomkhakha ukuze ithole imisebenzi, kodwa kuvele nokuthi bazimisele kakhulu ekutheni baziqalele awabo amabhizinisi ezolimo, nokuyinto intsha yakulendawo ekuthanda kakhulu ukulima kanye nokufuya.

"Njengentsha yakulendawo siyakuthokozela ukuza kweSishayamthetho kulendawo ngoba lokhu kukhombisa ukuthi uHulumeni wethu uyasikhumbula futhi kusinika ithemba lokuthi zikhona izinhlelo uHulumeni wethu onazo ngathi," kusho uMnuz Sanele Dlamini ongumlimi osemusha wakulendawo futhi onesifiso sokuba ngumlimi osezingeni eliphezulu.

"Siyintsha yakulendawo izinhlelo zezolimo ziyafika kuthina futhi uMnyango uyabasiza kakhulu labo abasafufusa ngezindlela ezahlukene okufana nezinsiza kusebenza, izimbewu kanye nabeluleki abaqavile futhi abasezingeni eluphezulu nabawenza ngobuqotho umsebenzi wabo," kuqhuba uMnuz uDlamini.

Uthe akukona ukuthi balinde ukusizwa nguMnyango kuphela kodwa bayaphuma beyintsha beyocela uxhaso nakwezinye izinkampani ezinkulu ezizungeze isifunda sabo.

UMnyango usezinhlelweni zokusiza intsha esiphothule izifundo zezolimo emazingeni emfundo ephakeme ukuba ivuleleke amathuba okusebenza, lokhu kuzonciphisa kakhulu isibalo sabangasebenzi abenze izifundo zolimo.

Ngokusho kuka Mnuz uSipho Shandu ongumphathi wehhovisi loMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya eliseMhlathuze uthe uNgqongqoshe waloMnyango uMnuz uThemba Mthembu unezinhlelo eziningi eMnyangweni wakhe ezihlehlela intsha.

"Ziningi izinhlelo njengomnyango ezihlose ngazo ukuthuthukisa intsha yakulendawo nasesiFundazweni sonke.

UMnyango wethu ubuye ukhiphe nemifundaze yokufundela ezolimo, engingakhuthaza nje ukuthi labo abafuna ukuthatha izifundo zezolimo nalabo abavele sebephakathi nazo ukubagqugquzela ukuthi befake izicelo zokuxhaswa," kusho uMnuz Shandu. Uthe ezinhlelweni abazibekile njengo Mnyango baqinisekisile ukuthi ulusha nalo luyazuza futhi luyahlomula kuzona izinhlelo.

*"Siyintsha yakulendawo izinhlelo zezolimo ziyafika kuthina futhi uMnyango uyabasiza kakhulu labo abasafufusa ngezindlela ezahlukene"*




# UNkk WEZIWE THUSI

**UNGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHUKISWA KOMPHAKATHI KWAZULU-NATAL**



# Imindeni ebumbene ibalulekile ekwakheni imiphakathi eqotho

**UMA** umndeni ubambisene futhi uqinilie kubalula ukulwa nazo zonke izingqinamba kanye nobubi obukhona emphakathini.

Loku kushiwo uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi, oPhongolo, muva nje, ngenkathi ekhuluma emcimbini obuqhakambisa ukuqiniswa kwendlela uHulumeni asebenza ngayo ukubhekelela imiphakathi yakulelizwe eyaziwa nge Government Capacity Building and Support (GCBS).

UNgqongqoshe uThusi ukugcizelelile ukuthi kubalulekile ukuba abadala babe nobudlelwano obuhle nabancane.

Uthe: "Sesiba matasa kakhulu ezimpilweni zethu kangangoba sigcina sesingenaso isikhathi sokuthi sibheke ukuthi abantwana bethu baqhuba kanjani ezifundweni zabo. Kumele sibheke futhi ukuthi abahlukumezekile yini emphakathini.

"NjengoMnyango sizoqinsekisa ukuthi sisebenzisana nazo zonke izinhlaka zikaHulumeni kanye nabazali ekwakheni imindeni eqinile futhi ebambisene.

Kumele sikhulise izingane esiziqhenyayo ngazo ngoba yizona ezizoba ikusasa lezwe lethu," kusho uNgqongqoshe uThusi.

IGCBS wuhlelo lukaHulumeni kaZwelonke oseluneminyaka emihlanu ngaphansi kobuholi bukaNgqongqoshe walo mnyango ezingeni likaZwelonke, uNkosazana uBathabile Dlamini, ngokubambisana noNgqongqoshe beziFundazwe ezahlukahlukene.

Lolu hlelo lubhekene nokusiza ekwehliseni isibalo sezintandane esezande kakhulu ngenxa yokubhebhetheka kwegciwane lesandulela ngculaza nengculaza.

Lolu hlelo lwaqala ngonyaka ka-2013, enyangeni kaSeptember, kanti luxhaswe yisakhiwo esiyisikhondlakhondla emkhakheni wokuxhasa izinhlelo zokuthuthukisa isintu umhlaba wonkana sezwekazi laseMelika esaziwa nge-United States Agency for International Development (USAID), engaphansi kwe President's Emergency Plan for AIDS Relief (PEPFAR).

Isakhiwo esihlanganisa izwe laseNingizimu Afrika nezwekazi laseMelika esaziwa nge Pact South Africa (PACT-SA), yisona esithweswe umsebenzi wokusebenzisana noNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi ukwengamela lolu hlelo.

Lolu hlelo lutholakala eziFundazweni zaseNingizimu Afrika eziyisishiyagalolunye. EsiFundazweni saKwaZulu-Natali lolu hlelo seluyatholakala eThekwini, eZululand, uThukela kanye nesiFundazwe Ugu. UNgqongqoshe uThusi ugcizelelile wanxusa ukuthi umphakathi was' oPhongolo usebenzisane ngokubambisana noHulumeni ekunqandeni ukuphuma esandleni kwezingane, okungenye yezimbangela ezenza ukuthi zigcine sezidayisa ngemizimba.



*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, ngesikhathi ehambele oPhongola, enyakatho nesiFundazwe.*

# UNgqongqoshe uThusi utshele i-Youth Parlimanet ngomsebenzi woMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi

**JABU NDLOVU**

**BABALELWA** ku 2 558 abafundi asebethole ukuqeqeshelwa ukuba oSonhlalakahle ngohlelo lomfundaze loMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi oluqale ngonyaka ka-2009.

Lokhu kuvezwe uNgqongqoshe waloMnyango esiFundazweni saKwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, ngenkathi ethula inkulumo esiShayamthetho seNtsha ebesihleli eSikhaleni, ngaphansi kukaMasipala wesiFunda i-King Cetshwayo.

Uthe noma izinselelo zokusiza asebegogodile ukuba bathole imisebenzi zikhona, uMnyango uyaqinisekisa ukuthi bayakuthola ukusizakala ngezimali abanothando lokulandela lomkhakha, abangakhoni ukuzikhokhelela imfundo yabo ephakeme. UNgqongqoshe uThusi uthe: "Sesiqeqeshe abantu abaningi. Kuba inkinga-ke nokho ukubaqasha njengoba inkontileka ithi uma sebephasile ingakabi khona imali yokubanikeza amathuba emisebenzi kuze kwedlule izinyanga ezintathu, bavumelekile ukuba bahambe bayofuna umsebenzi ngokukhululeka, uHulumeni akalindele ukuthi bayibuyise imali abafundiswe ngayo."

"Kukhona nohlelo lwama-internships olwaqala ngo-2008. Ngo-2016 uMnyango wahlangana ne-Service SETA, lapho bakhipha amathuba okufunda angu-1 000. Kulonyaka ka-2017 basinike ama-learnership angu-550 azodla imali ebalelwa ku-R19 million.

Lokhu kuzosiza abantu abasha kakhulu."UMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi unezinhlelo eziningi osebenzisana kuzo nemiphakathi ekulwiseni ukusetshenziswa kwezidakamizwa okweqile, okumbandakanya izinhlelo ezifana neKeMoja, I'm Fine Without Drugs, Stop to Start, Wake-up Call kanye ne - Teenagers Against Drug Abuse. Kuyalekelela ukwenza lezi zinhlelo emiphakathini, futhi kukhona ezinye izinhlelo ezenziwa emarenke amatekisi nasenxanxatheleni yezitolo.

"Njengamanje esifundeni Amajuba banemashi, futhi ngomhlaka 26 kuya ku-27 Juni 2017, kuzobe kunengqungquthela elwisana nokusetshenziswa kwezidakamizwa, i-Anti-Substance Abuse Provincial Summit. Silindele izithunywa ezilinganiselwa kwinkulungwane ezizobe zihambele lengqungquthela ngoba sifuna wonke umuntu azibandakanye kulolu daba.

"UMnyango unezikhungo zokulekela labo asebegajwe yinkinga yezidakamizwa ezimbili ezitholakala eMadadeni nase-Newlands Park Centre, eThekwini. Zikhona ezinye ezigekho ngaphansi kukaHulumeni esizixhasayo ezenza wona umsebenzi ofanayo emiphakathini.

"Kwakuthiwe akuqinisekiswe ukuthi uHulumeni usebenzisa zonke izinkundla zokuxhumana ezikhona ukudlulisa imiyalezo nemibiko.

UMnyango usuqalile futhi uyaqhubeka nokusebenzisa izinkundla zokhuxhumana, okubalwa kuzo u-Facebook kanye ne-Twitter ekudluliseni ulwazi ngokwenziwa yiloMnyango," kusho uNgqongqoshe uThusi.



*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi*

# UDKT SIBONGISENI DHLOMO

**UNGQONGQOSHE WEZEMPILO KWAZULU-NATAL**



# UMNYANGO WEZEMPILO KWAZULU-NATAL NO-BUILD IT EMBIDLANGWENI WOKULWISANA NESIFO SOFUBA

UMNYANGO wezeMpilo KwaZulu-Natal kanye nenkampani edayisa izimpahla zokwakha u-Build-It sebengene esivumelwaneni sokusebenzisana emizamweni yokulwa nokubhebhetheka kwezifo, ikakhulukazi ezifana nesifo sofuba, igciwane lesandulela ngculazi kanye nesifo somdlavuza. Lokhu kusebenza ngokubambisana kuzokwenza ukuthi imiyalezo yemikhankaso yoMnyango ephathelene nezeMpilo nokuguqula ukuziphatha kwabantu ifinyelele cishe kubantu abayizigidi eziyishumi. Lokhu kuzokwenzeka ngoba izitolo ezingu 85 zika Build It zikulesi sifundazwe, ezindaweni ezisemadolobheni kanye nasemakhaya, nokungabantu vele abasophwe uMnyango. Umcimbi wokwethula ngokusemthethweni ukusebenzisana phakathi koMnyango wezeMpilo kanye no-Build obuse-Ballito ubuhanjelwe izinyane lengezengeze uNtwana uNhlanganiso Zulu oyinxusa lokulwa nesifo sofuba esiFundazweni kanye nabamele u-Build It. Ngesikhathi ethula inkulumo egameni likaNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal uDkt. Sifo Mtshali oyiNhloko yoMnyango wezeMpilo KwaZulu-Natal uthe inhloso enkulu yokusebenzisana no Build It lomkhankaso wokulwa nokubhebhetheka kwezifo.

Uthe inhloso enkulu yalomkhankaso ukuhlinzeka abantu bakulesi sifundazwe ngolwazi oluzobasiza ukukwazi ukuthatha izinqumo eziphusile mayelana nezimpilo zabo.

Uthi lokhu kuzobasiza ekutheni bangatholi izifo ezithathelanayo zocansi, bavikele izifo ezithathelanayo njengesifo sofuba kanye nesandulela ngculazi, bese kuqinisekiswa ukuthi labo asebenazo izifo bayawathatha amaphilisi ngendlela efanele.

UDkt. Mtshali uthi inhloso-ngqangi yalomkhankaso wukuthi:

- Kuqwashiswe ngezindaba eziphathelene nezempilo, ikakhulu isifo sofuba, igciwane lesandulela ngculazi, kanye nesifo somdlavuza;
- Kuqiniswe imikhankaso yokulwa nesifo sofuba, igciwane lesandulela ngculazi kanye nesifo sikashukela;
- Kugquqguzelwe impilo yokuzivocavoca ukuze kuvikelwe izifo, bese kwesekwa izinhlelo ezikwikhalenda loMyango;
- Ukubheka izindlela zokuthi u-Build It ube yindawo lapho kuzolandwa khona amaphilisi nemithi yabantu abaphethwe izifo zamahlalakhona ngaphansi kohlelo i-Central Chronic Medication Dispensation and Distribution (CCMDD). Ngalokhu kusebenzisana koMnyango no-Build-It uMnyango uzokwenza lokhu okulandelayo:
- Ukushicilela imiyalezo yezeMpilo engu-4000 000 kumapheshana;
- Ukushicilela lamapheshana bese kukhangiswa ngawo imiyalezo yezempilo;
- Ngesikhathi kuyoshiywa izimpahla kuzophinde kushiywe amapheshana anemiyalezo yezeMpilo umuzi nomuzi;
- Kuzophinde kutholakale ulwazi lwezempilo khona esitolo;
- Kuzofakwa izikhangiso zoMnyango ngesikhathi kunemiqhudelwano yemidlalo yebhola lezinyawo labangaphansi kweminyaka engu 13 ubudala yase-Build-It. UMnyango uzozuza lokhu:
- Ukuhlinzeka umphakathi ngokulandelwa kwemigudu yokudluliselwa kwesiguli sisuka eMtholampilo siyiswe ezikhungweni zezempilo ezisezingeni eliphakeme uma kunesidingo;
- Phakathi kwezifo ezizohlolelwa isifo sofuba, isandulela ngculazi, isifo somfutho wegazi, kugqugquzelwe ukuhlelwa komndeni, kuphinde kusokwe, ukuhlolwa kwamehlo, ukuhlolelwa isifo sikashukela, kanye nezinye izifo, kuphinde kudluliselwe ezibhedlela labo okutholakale ukuthi bagula kakhulu.

Ngaphezulu kwalokho uMnyango uzoba nezikhulumi ezizosabalalisa imiyalezo yezeMpilo emcimbini yakwa Build It, kuphinde kukhulunye nezithameli ngezindaba zezeMpilo.

UMnyango uzoba kulesi sivumelwano iminyaka emibili, bese usibuyekeza uma ngabe lokhu kusebenze kahle noma inkontileka iyavuselelwa noma cha.

UDkt. Mtshali ubeke kanje: "Nakuba isifo sofuba selapheka, kodwa lapha KwaZulu-Natal isona sifo esibulala abantu kakhulu, kanti lesi sifundazwe sihamba phambili lapha eNingizimu Africa. Sibone ukuthi uMnyango ngeke ukwazi ukumelana nokubhebhetheka kwalesi sifo uwodwa.

Kuzokhumbuleka ukuthi uMhlonishwa ubaba uWillies Mchunu ngesikhathi ethula inkulomo yesifundazwe, wanxusa izinkampani ezizimele ukuba zibambisane noHulumeni ukuze isizwe sithuthuke."NjengoHulumeni sikholelwa ekutheni kubalulekile ukubambisana nabaholi basezindaweni zasemakhaya kanye nokuxoxisana nezakhamuzi ukuze kuthuthuke izinga lezempilo.

Ngakho njengesifundazwe sisaqhubeka nokubeka phambili impilo yesakhamuzi ngasinye ezinhlelweni zethu. Ngakho sinxusa bonke abaholi kanye nomphakathi ukuba basebenze ngokubambisana ukuguqula isimo.

Sijabule kakhulu ukuthi u-Build It usabelile kulelo khwelo lokusebenzisana nomnywango emizamweni wokuzama ukulwisana nesifo sofuna esifundazweni".UDkt. Mtshali uthi isifo sofuba sidala ingcindezi enkulu emhlabeni ikakhulu emazweni asathuthuka.

Ngokombiko we- World Health Organisation (WHO) Global Tuberculosis ka-2016, isifo sofuba isona esisabulala kakhulu abantu emhlabeni. Amazwe ayisithupha okubikwa ukuthi kuwona lesi sifo sidlange ngo 60% i-India, Indonesia, China, Nigeria, Pakistan kanye-ne-Ningizimu Africa.

IKwaZulu Natal iyona esahamba phambili ngesifo sofuba kanye nesandulela ngculazi eNingizumu Africa. Ngo 2015 abantu abangu 73 000 KwaZulu-Natal batholwe ukuthi bane –TB, kanti abangu 4151 bashona ngawo lowo nyaka.

Izinto ezenza ukuthi isimo sibe simbi kakhulu kulesi sifundazwe:

- Ukuphuza ukuza ngaphambili uzohlolwa;
- Ukuzitshela ukuthi uma unalesi sifo uzokufa;
- Kanye nokungawathathi amaphilisi akho ngendlela efanele.

"UMnyango usunezindlela zokuvikela isifo sofuba ngokuthi ubeseke labo abanalesi sifo, uxhumane kanye nezinhlelo zokuthi ukhulume nabo.

Ukusebenzisana kwethu no-Build-It kuzozilekelela kakhulu izinhlelo zethu, njengoba kuzokwenza ukuthi ifinyelele kalula imiyalezo yezempilo kubantu."







*OyiNhloko yoMnyango KwaZulu-Natal uDkt. Sifiso Mtshali, ethula inkulumo yakhe, kanye nohola ezokukhangisa kwa-Build It uMnz Rob Lister.uNomusa Dube-Ncube*

# UNkk NOMUSA DUBE-NCUBE



**UNGQONGQOSHE WEZOKUBUSA NGOKUBAMBISANA NEZINDABA ZOBUHOLI BENDABUKO KWAZULU-NATAL**

# UHulumeni waKwaZulu-Natal ugixabezwe ngemishini yokulwa nemililo ebiza izigidi zamarandi

IsiFundazwe saKwaZulu-Natali sehlelwe inhlanhla engandele abaningi njengoba sithole uxhaso lwemishini ebiza izigidi zamarandi, kanti futhi eseqophelweni eliphezulu yokulwa nohwanguhwangu lwemililo kwisikhwama saseMelika sezimo eziphuthumayo esaziwa nge – 911 Fund.

Le mishini enobuxhakaxhaka besimanje uHulumeni wesiFundazwe uzoqinisekisa ukuthi ithe chithi saka ezinkalweni zesiFundazwe ngokuhlukana kwazo njengoba izosetshenziswa izicishamlilo kanye namathimba ezinhlekelele atshalwe ezindaweni ezehlukene.

Lokhu kuze ngemuva kokuthi kuvuselelwe isivumelwano sokusebenzisana kanye nokucobelelana ngolwazi phakathi koHulumeni wesiFundazwe kanye ne – 911 Fund, esenziwa ngoJuni ngonyaka ka – 2015.

Isivumelwano esisha phakathi kwe – 911 Fund kanye noHulumeni wesiFundazwe sisayinwe nguMphathiswa woMnyango wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu uNomusa Dube-Ncube.

Esivumelwaneni esisha uHulumeni wesiFundazwe awuzohlomula kuphela ngoxhaso lwemishini enobuxhakaxhaka kepha nangolwazi olunzulu lokuqeqesha izicishamlilo.

Kusukela ngonyaka ka – 2015, kuze kube yimanje babalelwa ku – 302, abasebenzi bezimo eziphuthumayo nabezokulawulwa kwezinhlekelele asebeqeqeshwe ngaphansi kohlelo lokuqeqesha lwe – 911 Fund.

Isikhwama sezimo eziphuthumayo (911 Fund) sasungulwa ngowayengu Mongameli ngaphambilini ezweni laseMelika uMnuz. Barack Obama, ngemuva kwenhlekelele eyashiya abaningi bekhexile nokuyilapho amaphekula asebenzisa amabhanoyi ukuhlasela amabhilidi amabili (twin towers) ayengundabuzekwayo eMelika ngenxa yokufana kwawo kanye nobude bawo.

IsiFundazwe saKwaZulu-Natali sesihlomule kakhulu ngokusondelana ne – 911 Fund njengoba ibalelwa kwinani lika – R30 million imishini yokulwa nemililo kanye neyokulawula izinhlekelele etholwe yisiFundazwe ngaphansi kwesivumelwano saphambilini.

Isivumelwano esisha sizozoqinisekisa ukuthi amathimba okulawula izinhlekelele asebenza kahle ngokugxila kulokhu okulandelayo:

Ukulwisana nemililo enguhwanguhwangu ngezindlela eziningi eziseqophelweni;

Ukuqeqesha amathimba ezinhlekelele ngokutakula emanzini ukuze akwazi ukumelana nezimo ezihlale zibikwa njalo zabantu abaminzayo; Ukuthuthukiswa kwenqubomgomo eqinisekisa ukuthi izakhamuzi ziphephile emililweni ngokuqinisekisa ukuthi kunemithetho efanele negqugquzela izindlela zokuvimbela imililo kanye nezokuphepha emlilweni;

Ukwazisana ngezimo ezehlukene ekulawulweni kwezinhlekelele kanye nokubheka ukuthi izimo eziphuthumayo nezinhlekelele zididiyelwa kanjani ezikhungweni zokulawulwa kwezinhlekelele ezehlukene,kusukela esiFundazweni, eziFundeni kanye nasemazingeni aphansi.

Okunye futhi ngukubheka nokuthi izindlela zokusebenza kanye nezokuxhumana kulezi zikhungo zisesimeni esifanele yini.

Ukuqinisekisa ukuthi amathimba okulawulwa kwezinhlekelele kanye nalawo ezimo eziphuthumayo ayelulekwa ngokwengqondo ngoba ahlale ebona izimo ezingaholela ekutheni abe nezifo zengqondo ezifana no – Post Traumatic Disorder.

"Indima esidlalwe yi – 911 Fund, inkulu kakhulu ikakhulukazi njengoba isiFundazwe sakithi sihlale simana siba nezinhlekelele ezifana nemililo ewuhwanguwhangu, izikhukhula kanye nemiphezulu ezihlale zihamba nemiphefumulo kanti futhi ziphinde zidale nemonakalo emikhulu," kusho uMphathiswa uDube-Ncube.



*UMnz Roberto Nunez onguMengameli we-11 Fund, kanye noNgqongqoshe woMnyango weZokubusa Ngokubambisana Nezindaba ZobuHoli BeNdabuko, uNomusa Dube-Ncube*





# UNkk BELINDA SCOTT

UNGQONGQOSHE WEZEZIMALI KWAZULU-NATAL

# USCOTT UYALA ABASEBENZI BAHULUMENI UKUTHI BASEBENZE NGOKUZIKHANDLA



NHLAKANIPHO BUTHELEZI

**EMGUNGUNDLOVU -** Nakuba isimo somnotho eNingizimu Afrika sibhekene nezinselelo ezehlukene kubalulekile ukuthi izinhlaka zikaHulumeni KwaZulu-Natal (KZN) zisebenze ngokuzikhandla ukuqinisekisa ukuthi uhlelo lokuhlinzeka izidingo kubantu aluphazamiseki.

Iminyango nezikhungo zikahulumeni kufanele zisebenze ngokuzikhandla ukulwa nenkohlakalo, ukukhwabanisa kanye nencithomali okuyizinto eziphazamisa ukusetshenziswa kwezimali zikaHulumeni okufanele zihlinzeke ngezidingo kubantu.

Lawa ngamazwi kaNgqongqoshe wezeziMali eKZN, uNkosikazi Belinda Scott, obekhuluma nabasebenzi bakaHulumeni wesiFundazwe eMgungundlovu kuleli sonto ebakhumbuza ukuthi njengoba isimo sezomnotho sintengantenga, kubalulekile ukuthi uhulumeni ungagudluki kwisibophezelo sawo sokuhlinzeka izidingo kubantu.

"Njengohulumeni kufanele sisebenzise imali ngobuhlakani. Isenti ngalinye kufanele lisetshenziswe kuleyo nto elabelwe yona. Khumbulani ukuthi ziseziningi izinto okusafanele sizenze njengohulumeni ukuze sihlinzeke intuthuko kubo bonke abantu bakulesi sifundazwe," kuchaza uNkk. Scott.

Uthe yize noma isabelomali sincishisiwe kulo nyaka, ukuzibophezela kukahulumeni kubantu baKwaZulu-Natal ukuthi sizovikela izinhlelo zikahulumeni ezibalulekile okuhloswe ngazo ukwenza impilo ibe ngcono kubo bonke abantu kusamile. "Lokhu kuyahambisana nokuzibophezela kwesifundazwe ekufezeni umbono wokwenza iKZN ibe yisiFundazwe esiphumelele esinomphakathi ophila kahle, ophephile futhi onamakhono, ophila ngesizotha nokuthula, futhi sibe yisango lokungena e-Afrika nasemhlabeni wonkana. "Njengoba sihlale sisho, ukukhula nokuthuthuka kwesiFundazwe kuyijoka likahulumeni kanye nabambisene nabo okungabantu bamabhizinisi, izinyunyana zabasebenzi kanye nezinhlangano zomphakathi.

"Lokhu kubonakala sekugqame kakhulu ngenxa yokuthi izinhlelo zokuhlelwa kabusha kwezimali ziyaqhubeka nokuba nomthelela kwisabelomali sesifundazwe kanye nakwizibonelelo ezinemibandela zesiFundazwe," kuchaza uNgqongqoshe. Uthe umlando wesifundazwe iKZN omuhle wokuphatha kahle izimali uzosiza ukuba isifundazwe sibhekane nalokhu kuncishiswa kwesabelomali sibe sigxile kulezi zinhlelo ezibalulekile ezibekwe eqhulwini.

"Sonke sinendima okumele siyibambe ukuqinisekisa ukuthi ukuncishiswa kwesabelomali kulo nyakamali wezi 2017/18 kuthinta imali esetshenziswa kwizinto esingaphila ngaphandle kwazo.

Asisebenzise izimali emisebenzini esemqoka njengokuhlinzeka ngezidingo," kwengeza uNgq. Scott.

Uyale abasebenzi bahulumeni wathi kumele baphucule indlela abasebenzisa ngayo imali ukuze bakwazi ukusebenzisa imali eningi emisebenzini emikhulu yokuhlinzeka ngezidingo kanye nasezinhlelweni ezizohlomulisa abantu.

Sonke sinendima okumele siyibambe ukuqinisekisa ukuthi ukuncishiswa kwesabelomali kulo nyakamali wezi 2017/18 kuthinta imali esetshenziswa kwizinto esingaphila ngaphandle kwazo.




*UNgqongqoshe wezeziMali eKZN, uBelinda Scott, kanye neNhloko yoMnyango wezokuGcinwa kwaMafa esiFundazweni, uMnuz. Simiso Magagula emva kokukhuluma nabasebenzi beminyango nezikhungo zikahulumeni eMgungundlovu.* ***Isithombe:*** ***NHLAKANIPHO MTHEMBU***

NOMONDE MABOEA

## UNkk BONGI SITHOLE-MOLOI

**UNGQONGQOSHE WEZAMACIKO, AMASIKO, IMIDLALO NOKUNGCEBELEKA KWAZULU-NATAL**



# UNDLUNKULU UKHALE NGOBUBI BOMAKHALE-KHUKHWINI ENTSHENI

UNdlunkulu Dlamini waKwaKhangela-mankengane ukhale ngobubi bomakhalekhukhwini wakhuza ngokuntshontshwa nokubulawa kwamantombazane nogogo ngesikhathi ekhuluma ngokubaluleka kwenzalabantu emkhosini ka Nomkhubulwane.

Lomkhosi obubanjelwe KwaSokhulu ungeminye yemikhosi kaZulu uMnyango Wezobuciko Namasiko ofake isandla ekuthuthukisweni kwayo.

Lomkhosi ohanjelwa omama ulandelwa Umkhosi Wokweshwama bese kuba yilowo Woselwa. Inzalabantu iyona ebhekela futhi itshale kulensimu yeSilo. Kuyona isizwe sithandaza iNkosazana Yezulu uNomkhubulwane ukuthi isihambisele imithandazo yaso kuMvelinqangi.

Kudala uma usugujiwe izinto zazishintsha zibe zinhle. Ngesikhathi samanje kuyavela ukuthi usabalulekile njegoba wenzelwa ukucela inala, ukuthula kanye nemvula.

UMntanenkosi uwageqe wonke ekhuluma ngokubaluleka kwenzalabantu nokuthi umhlaba uhanjwa kanjani ukuze uphephe kwizifo eziningi.

Lomkhosi uke wehla ngenxa yengcindezi nezinselelo ebezibhekene neNingizimu Afrika. "Kubalulekile ngalesikhathi sanamuhla ukuqhakambisa ukuthi lomcimbi awuphazamisi ukukholwa, kepha uyinto enkulu okumele ngabe isukunyelwa umhlaba wonke.

Kukhona lokhu uNkulunkulu afuna ukusivusela kona. Kusuke kuzocobelelwana ulwazi nangokukhulisa abantwana nokubalungiselela uMkhosi Womhlanga" kusho uNdlunkulu. UNdlunkulu ugxile ekuthini omama babaluleke kakhulu ekuxazululweni kwezinkinga ngoba isikhathi esiningi yibo abavusi benyamazane; bayazidingida lezinkinga ehlathini ziyiswe kobaba sezike zaxoxwa yibo.

"Besifisa ukuthi lonke lelizwe lika Zulu libambe iqhaza ekwakheni isizwe ngalomkhos. Koba kuhle kakhulu uma ondlunkulu balamakhosi njengesisekelo sesizwe, bezongenelela ngobuningi babo. Ukuhlangana kwethu cishe kuyobuqeda lobugebengu obubhokile." Ezinye zezinselelo ezibalulwe njengalezo ezibulala isizwe indlela izingane eziganga ngomakhalekhukhwini ngayo "Omama kumele bakhalime indlela abantwana abasebenzisa ngayo omabonakude, abantu sebavilapha baba zigqila zomabonakude abasakwazi ngisho nokutshala umfino into yama- social network imbi kwizingane zethu ezisencane ezingakakwazi ukuwasebenzisela ubuhle."

Uphonsele inselelo kulabo abasemadolonzima ukusondela kwimikhosi enjengalena wabanxenxa ukuthi babekhona ngokuzayo. Ngokusho kuka Mnuz. Syfred Mthiyane ongudidiyeli weSokhulu Traditional Council ugcizelele ukuthi lomkhosi akumele ubukwe njengowamaZulu kuphela kepha njengowabantu abamnyama.

Ukholelwa ukulomkhosi uzokhula kakhulu njengoba kuzanywa ngazo zonke izindlela ukusondeza amanye amakhosi ukuze kube nobuhle ezindaweni eziningi.



*UNdlunkulu wakwaKhangelamankengane neSphithiphithi eMkhosini ka Nomkhubulwane*

# OwezoBuciko namaSiko ubalwa phezulu kwehlungelwe ukuba kwi-Premier's Service Excellence Awards

NOSIPHO NTOMBELA

UMnyango Wezobuciko Namasiko ukuthathele phezulu ukutonyulwa njengomunye waleyo emine ehamba phambili emncintiswaneni we-Premier's Excellence Award.

Lendondo ebhekwe ngamehlo abomvu yizo zonke izikhungo zikahulumeni ibheka ukwenza kahle kwazo kwezokuphatha, ukuphathwa kahle kwamabhuku, ukuba amashoshozela omoya we-Batho Pele kanye nokuqhuba ngempumelelo izinhlelo zayo.

Obambe njengeNhloko yaloMnyango uMnuz Mpumelelo Mnguni uthi: "Umbono woMnyango wempumelelo nokuhlalisana okuhle kwemiphakathi ngezobuciko, amasiko namagugu yikho okuyisisekelo esenza ukuthi sihlale njalo siphokophele ukuguqula impilo yabantu bakulesisifundazwe ibe ngcono.

Lokhu singakuthola kuphela uma siqinisa kwezobuholi nokuphatha." Ngesikhathi uhanjelwe izingqapheli zeBatho Pele kucacile ukuthi uMnyango uzigqaja ngokuzilungiselela kangcono kwawo ukufeza okulindelwe ekucwaningweni kwamabhuku ngokuphathwa koMnyango, ukuxhasa izigcinamagugu ezingaphezu kwama-40, ngaphezu kwemitapoyolwazi eyi- 198 engaphansi koMnyango ukusungulwa kwemitapoyolwazi eba nezincwadi ezihlelelwe abangaboni kwenze umehluko, ukugqugquzela ukuhlalisana kahle kwemiphakathi kanye nokuqhakambisa amasiko anhlobonhlobo kanye nezilimi ezahlukene ngomkhankaso we-Culture Thursdays.

Igxathu elikhulu kube ilelo lokukhuthaza izinkakha kwezobuciko ezingu-52 ukuthi zicobelele ulwazi abafundi abangaphezu kuka-1200 ngohlelo olwaziwa nge Arts in School programme.

Isandla esifakwe uMnyango Wezobuciko Namasiko ekwenzeni ubulungiswa bomlando namagugu sibonakale ekuxhaseni kwawo ikomiti elihlelemba amagama ezindawo Provincial Geographical Naming Committee eselenze angaphezu kwe-156.

Kulonyaka ubheke ukuhlelemba alikhulu. UMnguni ugcizelele elokuthi impumelelo yoMnyango yenziwa indlela oqonda ngayo izindlela zokuxhumana nemiphakathi ekunikezelweni komsebenzi kahulumeni.

Uqhube wathi uma ubuka uhlobo loMnyango nangendlela osusebenze ngayo uyabona ukuthi uphethwe kahle ngokuqina okwenza wenze kahle.

"Lapho kungaphethwe kahle, isikhungu siyawa. Okuhle ngoMnyango Wezobuciko Namasiko ukuthi uyayivula imigudu yokuthi abasebenza kuwo baqhamuke namasu amasha, bacabange ngokuzimela futhi basekelane" kusho uMnguni.

Uqhube wathi ngisho ngabe bakhale ngaphansi kulezizindondo, ngeke baphele umoya "Siyosho nje ukuthi sifunde lukhulu ngokukhethwa kwemine eyenza kahle ngaphezu wemiNyango eli-15 yakulesifundazwe".



*INhloko esabambile yoMnyango uMnuz Mpumelelo Mnguni nethimba lakhe ngesikhathi behanjelwe izingqapheli zeBatho Pele.*

> *"Umbono woMnyango wempumelelo nokuhlalisana okuhle kwemiphakathi ngezobuciko, amasiko namagugu yikho okuyisisekelo esenza ukuthi sihlale njalo siphokophele ukuguqula impilo yabantu bakulesisifundaz we ibe ngcono.*

**MELBA NZIMANDE**

# UMnu RAVI PILLAY

**UNGQONGQOSHE WEZEMISEBENZI YOMPHAKATHI KWAZULU-NATAL**



# UMGUBHO WOSUKU LWENTSHA ONGASOZE WALIBALEKA

Mhla ziyi- 14 namhla ziyi-15 kuNhlangulana wezi-2017, uMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi KwaZulu-Natali usingathe imicimbi yokugujwa koSuku Lwentsha kuwona wonke amahhovisi awo asezifundeni kanye nasenhlokohhovisi ngenhloso yokubungaza nokukhumbula izimpilo zabantu abasha abaningi abanyakazisa iNingizimu Afrika yonkana ekuseni ngovivi lwamhla ziyi-16 kuNhlangulana we -1976.

Umlando walel holide waqala eSoweto lapho abafundi abamnyama bezikole ezahlukene babamba umbhikisho ongenadlame emigwaqeni yaseSoweto bekhonondela ukuqalisa kokuthi iSiBhunu sibe ulimi okufundwa ngalo ezikoleni zendawo.

Lo mbhikisho kwakungewona nje kuphela owokuphikisana nokufundiswa ngesiBhunu kodwa wawumelene nohulumeni wobandlululo kanye nokuhlukunyezwa kwabantu ababengebona abebala elimhlophe okwabe kuyibona abaningi eNingizimu Afrika.

Le migubho iye yakhumbuza bonke abasebenzi leziya zikhathi lapho abantu abamnyama babeqonelwa ngabamhlophe, lapho abamnyama babengenayo inkululeko yokuzikhethela nalapho abamnyama babeshushiselwa ukulwela lokho abakholelwa kukona. Le micimbi iye yasingathelwa ukusikhumbuza lapho sivela khona siyizwe nanokuthi uqale kanjani umoya woBuntu bokuphatha bonke abantu ngokulinganayo kule minyaka edlule. Ngaphezu kwalokhu, mihla namalanga sibona uHulumeni wethu ezama konke okusemandleni ukulwa nemiphumela yokungalingani okwabe kukhona, kanjalo nokuthi lo hulumeni uqinisekisa kangakanani ukuthi ukungabibikhona kobulungiswa okwakwenzeka esikhathini esedlule akwenzeki kulo mbuso wamanje. Isizukulwane sanamhlanje sifunda noma yikuphi futhi sifundiswa nganoma yiluphi ulimi esiluthandayo ngenxa yawo umbhikisho waseSoweto.

Abasebenzi bakahulumeni bamanje bafaka izicelo zomsebenzi futhi bangena kunoma yiziphi izikhundla abazithandayo kungakhathalekile ukuthi abaliphi ibala, ubudala kanye nobulili, inqobo nje uma beneziqu ezifanele nolwazi olunzulu ngalowo msebenzi. Abaphathi behhovisi leSifunda esiseNingizimu kanye nabasebenzi bebegqoke umfaniswano wesikole ukukhumbula labo abalahlekelwa imiphefumulo yabo ngaleya nkathi.

Bacula amaculo omzabalazo okwakuyisikhumbuzo sokubaluleka kwaloluya suku. IMenenja yeHhovisi Lesifunda esiseNingizimu, uMnu. Mchunu, usho amazwi ajule kakhulu lapho ethe indlela efanelekile yokukhumbula nokuhlonipha labo abashona belwela inkululeko yethu ukuba singalokothi sivumele nanoma yiluphi uhlobo lokungalingani ezimpilweni zethu, waphinde wathi sikumele senze konke okusemandleni ukuthi siyaphumelela ngazo zonke izindlela emsebenzini wethu ngoba le nkululeko esinayo asiyitholanga kalula. UMnu. Zondi obeyisikhulumi sosuku naye uye wahamba kuwona lawa mazwi esho ukuthi abantu abamnyama kuleziya zikhathi babeba abasebenzi nje abaholelwa imadlana engatheni, kodwa manje, singabantu nezwe, silapha esikhona nje ngenxa yombhikisho wabafundi baseSoweto. Uye wathi okumqoka kakhulu ukuba sikhombise ukuyithakasela le misebenzi esiyenzayo futhi sibe isibonelo esihle nakwabanye ngokuthi emsebenzini sibe yizingcwepheshi kulokho esikwenzayo. Lolu suku lwagujwa ngezinkulumo ezinohlonze zokuthi kumele siphile impilo enjani esikhathini sanamuhla. Izikhulumi ezinigi zakhuluma ngokuphila kahle kanye nendlelampilo enhle, okwabe kukhona nabamele ezokuzivocavova ababekhombisa izindlela zokuthi abantu kumele bazivocavoce kanjani kanye nendlela yokudla enomsoco.

Empeleni, lokhu kwenziwa ukugqugquzela abasebenzi ukuthi bahlale bephilile ngaso sonke isikhathi. INingizimu Afrika isihambe ibanga elide kakhulu kusukela ngalolo suku eminyakeni engamashumi amane eyedlule.

Okwakuhlaba umxhwele ngokugujwa kwalolu Suku Lwentsha ukuthi zonke izinhlanga zazibambe iqhaza ekugubheni ubunye, okwakhombisa ibanga eselihanjwe abantu kanye nesizwe.

Namuhla ibala lesikhumba alisasho ukuthi uzongena noma angeke ungene kuphi, zonke izizwe sezihlala zithokoze ndawonye zakhe nobungani, sekubusa inkululeko iphinde ikhazimule ebusweni babo bonke abantu baseNingizimu Afrika.

Yize usuku lwentsha lugujwa ngosuku olulodwa nje onyakeni kodwa iNingizimu Afrika igubha le nyanga kaNhlangulana yonke njengalokhu ihlotshaniswa nentsha yanamuhla kanye nentsha yonyaka yowe-1976. Ningizimu Afrika, iNyanga Yentsha Enhle!



*Abasebenzi ngesikhathi belingisa umdlalo "iSarafina" okuyisikhumbuzo soSuku Lwentsha*

# Injabulo abasebenzi boMnyango weZemisebenzi yoMphakathi beqeda umjaho we-Comrades

**SANE KHUMALO – MBHENSE**




*Abasebenzi boMnyango weZemisebenzi yoMphakathi*

NgoLwesihlanu ziyi- 9 kuNhlangulana wezi- 2017, iHhovisi leSifunda esiseNingizimu loMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi KwaZulu-Natali, lasingatha umcimbi lapho lalibungaza khona abasebenzi balo abaphumelela ngokuvelele ukuqeda uMjaho obizwa nge-Comrades Marathon Race wezi-2017. Lona ngumjaho omdala kunayo yonke emhlabeni webanga elilinganiselwa kuma - 89 km onesibalo esikhulu sabasubathi ogijinywa minyaka yonke phakathi kwedolobha laseThekwini nelaseMgungundlovu.

Isiqalo kanye nesiphetho salo mjaho (ukusuka kwelinye idolobha kuyiwa kwelinye idolobha) kuyashintshana minyaka yonke. Lo mjaho uhlala uheha abasubathi bamazwe ngamazwe abaqhamuka emhlabeni wonke jikelele.

Kuyintokozo ukusho ukuthi abaphathi kanye nabasebenzi babone kukuhle ukuthi abasubathi abangabasebenzi ababebambe iqhaza kulo mjaho kufanele babongwe –bamukelwe njengamaqhawe. Umcimbi waqala ngenkulumo eyethulwa nguNkz. Gelly Majola, owamukela bonke abasebenzi waphinda wachaza nenhloso yosuku. Wathi "lokhu kuwuphawu esikhombisa ngalo ukunibonga ngomsebenzi omuhle eniwenzile" Izingwazi ezangenela zaphinda zakwazi ukuqeda i - Comrades Marathon ngoMnuzane uThobuyise Mchunu, uMitch Levin kanye noThobani Zuke. Ababili ababengenele okokuqala ngqa, uThobuyise kanye noThobani bobabili bakwazile ukuqeda umjaho yize babeqala ukuwungenela kowezi- 2017. Irekhodi elihle kakhulu ngelika Mnu. uMitch Levin obengenele waphinda wakwazi ukuqeda umjaho wakhe we- 11. Lokhu kwenzeka ngempela futhi kuliqiniso. Kulo mcimbi wokubungaza laba basebenzi kwakuheleza umoya wenjabulo; kwakuculwa, kudanswa futhi kuhlalaliselwa abanqobi ngempumelelo yabo encomekayo. UMnu. uTholang Chakana owayekhulumela abaphathi wabonga abasubathi bobathathu ngokusebenza ngokuzikhandla.

"Okusemqoka ukuthi nikwazile ukuqeda umjaho ngalokho– ke sithanda ukunibongela, sinethulela isigqoko futhi siyanihalalisela "kusho uMnu Chakana.

Nakuba abantu bazi ukuthi zininigi izinselelo emijahweni efana neComrades, la madoda amathathu ayavumelana ngokuthi uMjaho weComrades Marathon wawumnandi kodwa udinga ukuthi uzilungiselele kahle futhi uphikelele.

Lo mcimbi wanikeza abasebenzi baseSifundeni esiseNingizimu ithuba lokuxoxisana nabasubathi kanye nokuthola umuzwa wokuthi kunjani ukuba yingxenye yalo mjaho omkhulukazi.

I-Comrades Marathon yowezi-2017 beyinabasubathi abalinganiselwa ezi- 17 000 abaqala umjaho ekuseni ngeSonto mhla zizi- 4 kuNhlangulana wezi-2017 e- Durban City Hall; kanti–ke balinganiselwa ezi- 13 000 abakwazi ukuqeda umjaho ngesikhathi esibekiwe samahora ayi- 12 eScottsville Race Course, eMgungundlovu. UMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi uyazigqaja ngokuba nabasubathi (kubandakanya nalabo abangabaluliwe lapha) ababamba iqhaza kulo mjaho.

Impela lokhu kuyinselelo ebheke kubo bonke abasebenzi ukuba bakuthathele phezulu ukuphila ngokuzivocavoca.

Ukuthatha isinqumo sokugcina umzimba wakho uphilile kuyisinqumo esihle futhi akumele unake abakugxekayo ngaso.


Lokhu kuseyisiqalo nje. Sethembe ukuthi ngonyaka wezi-2018 bazokuba baningi abazobamba iqhaza emidlalweni enhlobonhlobo ngenhloso yokubeka uMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi esicongweni "sabanqobi".



SINDY MLOTSHWA

# UMnu THEMBA MTHEMBU

UNGQONGQOSHE WEZOLIMO NOKUTHUTHUKISWA KWEMIPHAKATHI YASEMAKHAYA KWAZULU-NATAL



# UMvelase uthembisa ukuwubeka ebalazweni uMnyango wezoLimo

Lubukela luluhle futhi luzoba nemiphumela eqhakazile uhlelo olusha olufumbethwe nguMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yasaMakhaya KwaZulu-Natal.

Kumanje loMnyango usacubungula izindlela ezikhaliphile ozoluletha ngazo kubantu emphakathini ukuze bekwazi ukondla imindeni yabo baphinde bahwebe ngalo.

UNgqongqoshe waloMnyango uMnuz uThemba Mthembu uthe baphezu kohlelo lokufuya izinhlanzi nabafisa ukuthi lusabalale kubantu esifundazweni jikelele.

UMvelase uthe ukufuya izinhlanzi kubukeka kulula ngendlela eyisimanga njengoba zingafuyeka nasegcekeni kanti akungadingi nendawo enkulu. UMthembu uthe nakuba kuseva ukuthi engakhuluma ageqe amagula ngohlelo olungakaphothulwa kodwa uyethemba ukuthi luza noshintsho kubantu. “Ngayithanda lento engayibona eCape Town yokufuya ofishi ngase ngiyithandela abantu bakithi ukuthi nabo beyithole. Nakuba ngingekhulume kakhulu ngaloluhlelo ngoba sisalusebenza kodwa ngiyethemba ukuthi abantu abaningi bazoluthokozela futhi luzobaphumelelisa,” kusho uMthembu.UNgqongqoshe uthe ufuna ukukhuculula insila yokuthi loMnyango waziwe njengogxile kakhulu ekulimeni ubhontshisi mommbila kanye nokufuya izinkomo kuphela. Ubuye waveza nokuthi uMnyango wakhe usuthumele ithimba eStellenbosch ukuyothekela ulwazi oluphathelene naloluhlobo lwemfuyo ukuze libuye nalo lifundise abanentshisekelo yokuqala ukufuya izinhlanzi. “Sifuna ukushintsha isithombe abantu abanaso emiqondweni sokuthi loMnyango ugxile ekukhiqizweni kukabhontshisi nommbila nokufuya izinkomo kuphela. Ngikhuluma nje sesithume ithimba ukuyoncela ulwazi lokufuya ofishi bese libuya lifundise umphakathi. Nibona kunezimboni ezidayisa ofishi, nazo ziyababfuya. Ngalokho ngiqonde ukuthi nabantu uma bezimisele ngempela bengagcina sebebadayisa,” kusho uMvelase. Wengeze ngokuthi uMnyango wakhe uthukuse induku emqubeni njengoba befisa nokufundisa abalimi ngezinto ezininingi eziphathelene nemisoco kanye nezakhamzimba ezidingwa ngabantu ekudleni. “Ziningi izinto esisafisa ukuzendlala kubantu bakithi ikakhulukazi abalimi. Asifuni ukuthi abalimi bagcine ngokubheka isamba sokudla abakukhiqizile kodwa sifuna babheke ubungako bezakhamzimba nemisoco ekulokho kudla ngoba isamba sokudla asisho lutho uma singenazo izakhamzimba nemisoco edingekayo emizimbeni yabantu,” kuchaza uMthembu.

Uthe izakhamzimba nemisoco kuyadingeka emzimbeni womuntu njengoba eqhube ngokuthi kunemisoco edingwa ngumqondo ukuze wondleke ukwazi ukusebenza ngendlela eseqophelweni eliphezulu.

“Akekho umuntu ozalwa ehlakaniphile kunabanye, kuphela kuhlukana ekutheni imiqondo yethu yondleke kanjani futhi yondliwa ngani. Umqondo udinga imisoco ethile etholakala ekudleni ukuze nawo usebenze kahle, ngaphandle kwayo umqondo nawo awukhuthali ekusebenzeni kwawo,” kwenaba uMthembu.

UNgqongqoshe uphethe ngokuthi inyama yenhlanzi ineminingi imisoco edingwa ngumuntu, wanxusa abantu ukuthi balukhuthalele loluhlelo uma seluphothuliwe selwethulwa kubo.

Uthe sebekhongele ukusebenzisana noMnyango wezeMpilo ezinhlelweni ezifana nokuqinisekisa ukutholakala kokudla okunomsoco ukuze abantu beMbube bephile impilo echachambile.



*Kusukela kwesokunxele yisikhulu esiphezulu eMnyangweni wezoLimo eCape Town, yisikhulu sophiko lwezoLimo eMangosuthu University of Technology, ngungqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali umnuz uThemba Mthembu kanye nobambe njengeNhloko yaloMnyango umnuz uJerry Mfusi.* **Isithombe: MBUYISELO NDLOVU**

# Liphume nobomvu ngamabhizinisi ezolimo eMzumbe



LONDIWE NGIDI

UMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natal usebenzisana nowezoLimo, amaHlathi nokuDoba kuZwelonke uhlanganise intsha engqungqutheleni yokubagqugquzela ukuba babambe iqhaza futhi bazibambe ziqine kwezolimo ngoba umnotho ulele emhlabathini.

Lengqungquthela ibe yingxenye yezindlela zokubungaza inyanga kaJuni, okuyinyanga eyaqhokwa njengeyabantu abasha kulelizwe njengoba kwaziwa ukuthi intsha yango 1976 yalwela inkululeko yezwe. Iphinde yahlomulisa abalimi abasha ukuba bakwazi nokuxhumana nabalimi esebemnkantsha ubomvu emkhakheni wezolimo ukuze bebacobelele ngolwazi.

UNgqongqoshe wezoLimo esifundazweni umhlonishwa uThemba Mthembu ubehambele eMzumbe ehambisana nosekela-ngqongqoshe wezoLimo, amaHlathi nokuDoba kuZwelonke umhlonishwa uBheki Cele ukuyophendula izicelo ezazifakwe yintsha yakule ndawo ngoZibandlela nyakenye ngesikhathi kunenkomfa efuze lena. UMvelase uphosele intsha inselelo ngodaba lokubuyiselwa komhlaba ezandleni ezifanele.

“Njengoba sibungaza usuku lwentsha uJune 16, sibungaza intsha eyalwela lelizwe ngobuqotho. Kufanele niqhubeke lapho kwagcina khona intsha yango 1976, nilwele ukuthola umhlaba ukuze sikwazi ukuqeda ububha, indlala nokungalingani,” kusho uMthembu. Uthe kuyize ukukhuluma ngezolimo kuphela udaba lomhlaba lungathintwa, “sikhuluma kakhulu ngezolimo kodwa uma udaba lomhlaba singaluthini, ezolimo ngeke ziphumelele ngoba zincike ekubeni khona komhlaba. Ukungabikho komhlaba kudala imikhawulo kwezolimo,” kuchaza uMthembu.

UMnuz uMusa Khomo osengene wagxila kwezolimo njengoba edayisa amaqanda, uthe ukungena emkhakheni wezolimo kuyinto enhle ngoba ukudla okukhiqizwa ngabalimi kudingeka zonke izinsuku. “Ukulima akusiyo into yesikhathi esithile sonyaka njengesihlahla sika Khisimuzi ngoba sona sidayisa kanye kuphela onyakeni. Ukulima kuyinto yansukuzonke futhi akusoze kwenzeke ukuthi kuthiwe ukudla sekwanele abalimi mabayeke ukukhiqiza, ngakho-ke uma usemkhakheni wezolimo, usemkhakheni omuhle” kusho uMnuz uKhomo.

Usekela-Ngqongqoshe woMnyango wezoLimo, amaHlathi nokuDoba kuZwelonke umnuz uBheki Cele ukhuthaze intsha nabesifazane ukuba bangawenqeni umkhakha wezolimo. “UMthaniya wayengowesifazane, lesi sifundazwe sibizwa ngaye ngenxa yamagalelo akhe Nentsha yango 1976 esibungaza amagalelo ayo kulenyanga yasebenza umsebenzi omkhulu. Lokhu kusho ukuthi kukhulu okungenziwa ngabantu besifazane nentsha ukwenza ngcono lelizwe. Nani-ke sibheke lukhulu kini.” kusho uMagaye.

Uthe isimo sendlala siyashaqisa kulelizwe njengoba emhlabeni wonke nasemazweni aseningizimu ye-Africa kubikwa ukuthi izinga lendlala lehlile, kulelizwe kodwa lenyukile. Wathi kubikwa ukuthi indlala igola izintethe kulesi sikaMthaniya. Umhlonishwa uNdosi uthe inganqobeka ngokuthi kufukulwe abalimi abasemazingeni aphansi kukhuthazwe nohlelo lokuthi umuzi nomuzi ube nesivande ngoba lokhu kukhuthaza abantu abasebenzela ukuthi bedle nokuzosiza ukwehlisa indlala kunokuthi kufukulwe labo abasebenzela ukuhweba nokuzinothisa. Ephendula ezicelweni zanyakenye, uMagaye ukuqinisekisile ukuthi uMnyango wabo usuhlonze imiphilandawonye eyisihlanu abazoyixhasa nezosebenza ukufuya kanye nokuvuna ezasemanzini okubandakanya izinhlanzi, izimbaza nokunye eMzumbe.

UJenene Cele uthe isixazululo sazozonke izingqinamba ezikhona kwezoLimo ukubuyela emuva kuqiniswe ezinhlelweni ezifana no ‘uMuzi noMuzi, yiSivande’ ezisiza ukunikeza imindeni eshodayo ukudla. “Kubalulekile ukuba loluhlelo lubuyiswe ngoba abantu emakhaya basebenzela ukuthi bedle nokuyinto enciphisa izinga lendlala,” kwephutha uNdosi.



*UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natal uMnuz uThemba Mthembu neSekela-Ngqongqoshe woMnyango wezoLimo, amaHlathi nokuDoba kuZwelonke uMnuz uBheki Cele beseMzumbe engqungqutheleni yentsha.* **Isithombe: THEMBA MNTYALI**



*UNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMnuz uThemba Mthembu neSekela-Ngqongqoshe woMnyango wezoLimo, amaHlathi nokuDoba kuZwelonke uMnuz uBheki Cele bethula izinhlezo zentsha esifundazweni.* ***Isithombe:*** ***THEMBA MNTYALI***

# Kuhlongozwa uphiko lwentsha eMnyangweni wezoLimo KwaZulu-Natal



**PHUMZANI NDLANGAMANDLA**

Intsha ishayele ihlombe uNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natal uMnuz uThemba Mthembu ngokuzibophezela ekusebenzisaneni nayo kulandela inkulumo yakhe nalapho ethe khona kungamampunge ukuthi intsha yalesi sifundazwe iyaziqhelelanisa nezolimo.

UNgqongqoshe uMthembu ubekhuluma engqungqutheleni yentsha ebiseMthwalume esifundeni uGu eningizimu yesifundazwe nokuyilapho ethe khona uMnyango wakhe uphezu kwamasu amahle okuqinisa amaxhama ekusebenzisaneni nentsha. UMvelase uthe uMnyango uphezu kwezinhlelo zokwakha uphiko lwentsha ukuze kube nezinhlelo ezizoqondana nayo ngqo nathe kuzosiza ukuyidobela kulomkhakha njengoba kuhlaluka ukuthi ayingenile ngokwanele kuwo.

Lolu phiko lwentsha oluhlongozwayo umhlonishwa uMvelase uthe kufanele lufakwe kuwo wonke amazinga kusukela emaHhovisini oMnyango akomasipala, izifunda kuze kuyofika ekomkhulu lawo eMgungundlovu.

Uthe kuzoba nesamba esizofakwa kulolu phiko njalo uma uMnyango wethula uhlahlomali lwawo ukuze kuqinisekiswe ukuthi intsha ithola inkece efanele neyanele ekuyilekeleleni ezinhlelweni zezolimo.

"Inhloso yethu enkulu yokuqala loluphiko ukuthi sifuna ukuqikelela ukuthi intsha iyafakwa kuzo zonke izinhlelo zoMnyango nokuthi siyidobe ukuba ingene kwezamabhizinisi ezolimo.

Sizofaka isamba esithile semali kuloluphiko ukuze izinhlelo zalo ziphumelele nabo bethole ukuxhaswa lapho kufanele khona," kusho uMthembu

Uthe uyakholelwa ekutheni intsha iyakuthanda ukulima kodwa idinga izinhlelo ezanele ezizoyeseka.

"Kubukeka kungesilo iqiniso ukuthi intsha iyaziqhelelanisa nezolimo uma nginibona nibaningi kangaka ukuzothamela izinhlelo zenu futhi phakathi kwenu kube kukhona asebephumelele kulendima.Ngikholwa wukuthi intsha iyawuthanda lomkhakha, ngakho-ke sikhona futhi sikhulu isidingo sokuthi uMnyango ube nezinhlelo eziqondene nani.

Yingakho sibone kukuhle ukuba sisungule uphiko lwenu siphinde sizibophezele ekusenenzisaneni nani ukuze nichume," kusho uMthembu oqhube wathi uyathanda ukusebenza nentsha ngoba isenomdlandla.

UMnuz uNoa Nyawo ongusihlalo we- Youth in Agriculture and Rural Development (YARD), ekhuluma egameni lalenhlangano, uchaze ukuzibophezela kukaMvelase entsheni yakuleli likaPhunga njengesinqumo esephusile nesizothela izithelo ezinhle.

"Ngiyaseseka futhi ngiyasithokozela isinqumo sika ngqongqoshe sokusondeza kakhulu intsha kwezolimo ngoba ikusasa lezwe lisezandleni zayo.

Ngiyafakaza ukuthi akusilo iqiniso ukuthi abantu abasha abathandi ukulima kodwa iminxa ebasondeza kulomkhakha yiyona edinga ukuqiniswa. Ngiyethemba-ke ukuthi lolu phiko luzokwenza kube lula ukuthi uMnyango ufinyelele entsheni," kusho uDumakude.

UMnuz uNyawo uqhubeke wathi kufanele intsha ifunde ukubambisana ze iphumelele kwezolimo.

Uthe ukubambisana kwenza ukuthi kondleke imindeni eminingi ngesikhathi esisodwa kudaleke namathuba emisebenzi amaningi.

Unxuse ukuba labo asebephumelele bafukule abanye ukuze kunqandeke umkhuba wogombela kwesakhe abazibhekelela bona kuphela.



## UMnu MXOLISI KAUNDA

**UNGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL**



# UKaunda ukhathazekile ngokufa kwentsha ezingozini zomgwaqo

**MABUYI MKARRY**

UMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda usekhale ngokubandakanyeka kakhulu kwentsha ezingozini zomgwaqo, wathi lokhu kunciphisa amathuba okudlondlobala komnotho wakuleli.

Lokhu uMphathiswa uKaunda ukusho kade ehambele umngcwabo wabantu abayisishiyagalombili eyenzeke eZingolweni, ngaphandle kwase-Port Shepstone ngeledlule ihlanganisa iveni neloli.

Kule ngozi kwadlula emhlabeni intsha iminyaka yayo ephakathi kwengu-18 ukuya kwengu-37.

Ngokombiko wamaphoyisa kuvele ukuthi umshayeli weveni wayezama ukujikela emgwaqeni omncane kwesokudla kwathi uma ebona ukuthi uzohluleka ukujika wabe esebuyela endaweni yakhe kanti neloli selisukile emzileni walo lizama ukubalekela iveni, bashayisana mahlanze.

Iveni yayinabagibeli abayisishagalombili abashona khona lapho endaweni yesehlakalo; abesilisa abayisithupha kanye nabesifazane ababili.

Edlulisa amazwi enduduzo emindenini, uKaunda uthe: "Kuyangikhathaza ukushona kwentsha ngenxa yezingozi zomgwaqo, njengoba simatasa sibungaza inyanga yabantu abasha kwenzeka izinto ezinje.

Ukushona kwabantu abasha kukhubaza kakhulu umnotho wezwe ngendlela emangalisayo, ikakhulukazi njengoba kuphangalala abantu esibheke lukhulu kubona ukuthi baphathe izwe ngelinye ilanga abanye babo abasanda kuthola imisebenzi imindeni yabo isabheke lukhulu futhi nakubona."

"UMnyango wezokuThutha uletha intuthuko emiphakathini ngokufaka imigwaqo eyitiyela, kepha siyanda isibalo sabantu abafa kuyo le migwaqo ngoba kusuke sekulula ukuhamba kuyona ngokukhululeka kungafani nangenkathi isewubhuqu.

Manje sigcina sesididekile ukuthi yini okumele sikwenze, siyithuthukise imigwaqo yethu noma siyishiye injalo ukuze kuphephe izimpilo zabantu.

Abashayeli bavele bangayilandeli imithetho yomgwaqo, bashayele ngesivinini esingavumelekile, basike lapho kungavumelekile khona, konke lokhu okuphetha ngezingozi," kubeka uKaunda ngokukhathazeka.

> *"Kuyangikhatha za ukushona kwentsha ngenxa yezingozi zomgwaqo, njengoba simatasa sibungaza inyanga yabantu abasha kwenzeka izinto ezinje."*



*UMnu Mxolisi Kaunda ophathiswe ezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uxhawula amalungu emindeni ngenkathi ewaduduza enkonzweni yomgcwabo.* ***Isithombe:* MBUYISELO NDLOVU**

# Injabulo kuvulwa isiteshi samaphoyisa enyakatho yesiFundazwe

**NOSIPHO NXASANE NO NONHLANHLA NDWANDWE**



*UMphathiswa uMnu Mxolisi Kaunda neNkosi yeSizwe saKwaTembe uMabhudu Tembe nezikhulu zamaPhoyisa kuvulwa isiteshi esingumahamba-nendlwana eSkhemelele KwaMhlabuyalingana.* ***Isithombe:* MBUYISELO NDLOVU**

Kufezeke iphupho leminyaka lekhamizi zaseSkhemelele, KwaMhlabuyalingana ngesikhathi uMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda evula ngokusemthethweni umahambanendlwana wesiteshi samaphoyisa kule ndawo.

UKaunda utheleke kule ndawo ngeledlule kulandela ukuhambela kuyona izikhawu phambilini, okuhlanganisa nangesikhathi ephelezela uMongameli wezwe uMnu Jacob Zuma lapho umphakathi ubukhala ngobugebengu obudlangile nokungabi khona kwesiteshi samaphoyisa. NoNdunankulu wakulesi sifundazwe uMnu Willies Mchunu uke wafika lapha ezokhuluma ngayo indaba yobugebengu obudlangile endaweni. Lo mphakathi bewuphoqeleka ukuthi uhambe ibanga elide ukuze ufinyelele esiteshini ngisho ngabe uyokwenza into encane kangakanani. Ezinye izakhamizi bezichitha imali elinganiselwa ku-R120 nokuyimali osuzoyisebenzisela ezinye izinto ezibalulekile. UMphathiswa Kaunda uthe izakhamizi zakule ndawo bezihamba ibanga elide ukuze zifinyelele eziteshini okubalwa kuzona iManguzi, Ndumo naseNgwavuma ukuze zithole usizo lwamaphoyisa.

Wengeze ngokuthi ngisho namaphoyisa bekuwathatha isikhathi eside ukufinyelela eSkhemelele ukuzosiza abantu noma ukuza esigamekweni sobugebengu esisuke sibikiwe.

Lo mahambanendlwana wesiteshi osezingeni eliphezulu unekhishi, indlu yangasese, ihhovisi, isiqandisi nekhabethe lokufaka amafayela.

"Njengamanje lo mahambanendlwana usebenza ukusukela ekuseni kuze kube ihora lesihlanu ntambama, kodwa ngithanda ukuqinisekisa izakhamizi zakule ndawo ukuthi ukusukela ngoJulayi lesi siteshi sesizosebenza njengazo zonke singavalwa," kusho uKaunda.

Ubuye wathi ngaphansi kohlelo lwe-Operation Siyahlola njengoMnyango bazohlale bebonakala eMkhanyakude ukuzobhekana nobugebengu obudla lubi kule ndawo futhi baqinisekise ukuthi wonke amaphoyisa abandakanyeka ezenzweni zobugebengu ayaboshwa. Ube esemememezela ukuthi kuboshwe amaphoyisa amathathu asesiteshini esisodwa okusolakala ukuthi asebenzisana nezigebengu, wathi kusenamanye asaphenywa. Uqhube wathi kungamane kuboshwe wonke amaphoyisa isiteshi sisale singenamaphoyisa uma nje lawo angamazambane abolile eboshiwe. "Ukungenelela kukaHulumeni kule ndawo ngemuva kwezikhalazo zomphakathi zobugebengu kwenze umehluko omkhulu kakhulu njengoba nezinga lobugebengu selehlile kakhulu ngoba ngisho osomabhizinisi bayakufakazela lokho.

Ngisho nogogo bayasho ukuthi usungathuma nengane esitolo ibuye ngoba ukuphepha into esikhona," kusho uKaunda. Ube esepheta ngokuthi angu-48 amaphoyisa azotshalwa esiteshini saseManguzi kanye nakumahamba-nendlwana waseSkhemelele wabuye wathi kutshalwe isamba sika-R91million ekwakhiweni kwesiteshi samaphoyisa saseManguzi okwumsebenzi osuqalile ukwenziwa. INkosi yendawo yakwaTembe uMabhudu Tembe wethembisile ukwelekelela amaphoyisa noMnyango ekulwisaneni nezenzo zobugebengu wabe esenxusa izakhamizi ukuthi zibike ngezenzo zobugebengu kanye namaphoyisa asebenzisana nazo ukuthi kube nokuthula endaweni. Ube esekhala ngabadayisa emgwaqeni ethi babuye babe babhebhezele ukusetshenziswa kwezidakamizwa ikakhulukazi ezikoleni njengoba bakhelene nazo, wacela ukuba ibhekisiswe indaba yabo njengoba ibulala ikusasa lezingane ezisesesikoleni. Induna uMnu Joseph Tembe ukuthakasele kakhulu ukuvulwa kwalesi siteshi wathi kubona kuwukunqoba njengoba izakhamizi bezihamba elide ibanga ukufinyelela eziteshini ezakhelene nazo ukuthola usizo.

Uthe indawo yaseSkhemelele ihlaselwe kakhulu ubugebengu obuhlangene nokwebiwa kwezimoto wathi usenethemba elikhulu ukuthi lokho sekuzophela.

# UMnu MTHANDENI DLUNGWANE

UNGQONGQOSHE WEZEMFUNDO KWAZULU-NATAL



# UDLUNGWANA NOHLANGA LOMHLABATHI OHLELWENI LWEZOKUTHUTHUKISA EZEMFUNDO

MBALI ZULU

UMphathiswa weZemfundo KwaZulu-Natali, uMthandeni Dlungwana, uhambele eNdlunkulu KuNgangezwelakhe, esigodlweni sasoSuthu KwaNongoma, zingu 19 kuNhlangulana 2017.

Phakathi kwethimba ebelihamba noMhlonishwa eyohlangana ne Mbube bekukhona uNKk Juddy Dlamini ongu DDG: Institutional Development, uMnu Nathi Ngcobo ongu General Manager: Human Resource Management , uNkk Weziwe Hadebe obhekele ingqalasizinda emnyangweni kanye nethimba labasenzi besiFunda iZululand liholwa uMphathi wesiFunda omusha ceke, Mnu Dumisani Ndlovu.

UMphathiswa uthathe lelithuba lokuba ahambele esigodlweni ayohlala phansi neMbube ngenhloso yokwethula umsebenzi wonke owenziwa emnyangweni kuNgangezwe lakhe.

"Ngiyathokoza Hlangalomhlabathi ukwamukelwa ngezandla ezifudumele eNdlunkulu. Sikulesisikhathi sonyaka lapho silungiselela khona ukuhlolwa kwesigaba sesibili noma ukuhlolwa kwaphakathi konyaka.

Yingakho ngibone kufanelekile ukuba ngizokwethula ku Bayede uhlaka lokulungiselela ezokuhlolwa kuwowonke amabanga, ikakhulukazi ukuhlolwa kukaMatikuletsheni - ukuthi sizowucija kanjani ukulungiselela ukuhlolwa okukhulu kokuphela konyaka. Phakathi kwezinhlelo esinazo kukhona uhlelo lwama Winter Classes njengoba izikole zizovalwa sizobathatha abafundi ukuba bayohlangana nabanye njengoba zivaliwe izikole.

Sizophinda sibe nohlelo olubizwa ngama Spring Classes okuwuhlelo lokugcina lokulungiselela ukuhlolwa oluzokwenzeka eNtwasahlobo lapho sesibacija okokugcina ngaphambi kokuba baqale izivivinyo zokugcina kokuphela konyaka.

Hlangalomhlabathi siphinde sabheka nohlelo lokumaka lapho sebeqedile abafundi ukubhala ukuthi zonke izigceme zokumakela zisemazingeni amukelekile nafanele ukuthi othisha basebenzele khona sibalekele izinkinga ezivelayo uma sekusetshenzwa ezizokwenza ukuthi kube khona izinqinamba. Kulonyaka sihlele ukuthi sisebenzise izikole zethu njengezikhungo zokumaka," kunaba uMphathiswa uDlunwana.

Ephendula Ongangezwe lakhe uthe,"Angidlulise ukubonga kwami Mhlonishwa Dlungwana ngalelithuba olenzile ukuzonyathela esigodlweni futhi ngiyawubonga umhlangano esaba nawo kuqala unyaka amazwibela alomhlangano ahamba kuwo lomhlangano esaba nawo kuqala unyaka. Imfundo ibalulekile esizweni SamaZulu loluhlaka oqeda ukulethula manje lunginika isithombe nethemba ukuthi mhlambe kusihambele kahle kulonyaka ezikoleni zethu nawe njengoMphathiswa uzokwazi ukuthi ubophele kanjani kwiziFunda zonke nakwezinye izinhlaka zoMnyango. Ngifisa kube khona ukubhekisiswa kokufundwa kolimi lweSizulu ezikoleni ngoba loluhlaka obunginika lona lukhomba ukuthi iSizulu sindinga umfutho omkhulu.

Ngifisa siphinde sibheke kakhulu ukuphepha koThisha ezikoleni.

Kukaningi manje othisha bayahlaselwa besebenza ezikoleni, ngakho kuzomele kuqikelelwe ukuphepha kothisha emsebenzini. Ngikufisela okuhle kodwa Mhlonishwa eMnyangweni wakho. Ngiyathokoza futhi Dlungwana mhlonishwa ngaleligxathu olithathile," kuphetha uBayede.



Isithombe: SIBONELO QWABE

> *"Ngiyathokoza Hlangalomhlabathi ukwamukelwa ngezandla ezifudumele eNdlunkulu. Sikulesisikhathi sonyaka lapho silungiselela khona ukuhlolwa kwesigaba sesibili noma ukuhlolwa kwaphakathi konyaka."*









*UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal UDkt Sibongiseni Dhlomo efika emcimbini eSundumbili*

# Bangaphezulu kuka 700 000 abantu asebethola imithi yamahlalakhona eduze nasemakhaya abo

UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal uDkt. Sibongiseni Dhlomo usebonge abahlengikazi, osekhemisi, abasebenzi bezeMpilo kanye nabo bonke abantu ababambe iqhaza ekusatshalalisweni kwemithi yamahlala khona kulesi siFundazwe njengoba isibalo sabantu asebethola imithi yabo eduze nasemakhaya sesingaphezu kuka 700 000.

UDkt Dhlomo usenxuse bonke abasebenzi bezeMpilo ukuba basebenze ngokuzikhandla ukuze senyuke lesi sibalo.

UDkt Dhlomo ubevakashele umphakathi wase-Sundumbili ehholo ebeligcwele phama i-Sibusisiwe, esifundeni iLembe.

Lesi sifunda bese kungesokugcina kwezingu 11 obekuzohlolwa kuso ukuthi lolu hlelo lokusatshalaliswa kwemithi namaphilisi, i Central Chronic Medicine Dispensing and Distribution (CCMDD) luhamba kanjani. Uhlelo lwe CCMDD lusiza iziguli eziphethwe izifo zamahlala khona isikhathi eside esingaphezulu kwezinyanga eziyisithupha kuya phezulu – nesiziyijwayele imithi - ukuthi zingasheshe ziye esibhedlela ukuyolanda imithi namaphilisi, kodwa ziyilande ezindaweni eziseduze namakhaya azo ezizikhethele zona, okungaba isemasontweni, isezinkantolo zomphakathi, isemahholo omphakathi kanye nasezindaweni lapho kubanjelwa khona imihlangano ngaphansi kuka-Operation Sukuma Sakhe, okuwuhlelo lukahulumeni lokubambisana nompakathi ukuletha intuthuko.

Phakathi kweziguli ezisizwa yilolu hlelo kubalwa lezo ezinezifo ezifana nesifo sikashukela, umfutho wegazi, isandulela ngculazi negciwane layo, isifo sofuba kanye nezinye. Impela manje sekulula ngoba imithi yazo sezizoyilanda eduzane nezindawo ezihlala kuzo.

Kubantu abangu 1,1 million loluhlelo eselufinyelele kubo ezweni lonke, abangu 713 000 abalapha KwaZulu-Natal.

Enye yezinto ezinhle kakhulu ngalolu hlelo ukuthi ephepheni okusuke kukhona kulo imithi yesiguli akubhaliwe ukuthi isiguli siphethwe yini njengoba kuhlinzekwe iziguli eziphethwe izifo ezahlukene, kusukela kulezo ezinesandulela ngculazi, isifo sofuba kanye nezinye izifo zamahlalakhona.

Lokhu kuqinisekisa ukuthi akukho siguli esizozithola siyisisulu sesihlava sokucwaswa ngokwezempilo.

Izikhulumi okubalwa kuzo nezisebenzela uMnyango wezeMpilo ziluncomile lolu hlelo lwe-CCMDD, zathi lusiza kakhulu njengoba kuncipha nokugcwala ngokweqile ezikhungweni zezeMpilo, nokwenza ube lula umsebenzi wabasebenzi zezeMpilo manje.

UDkt Dhlomo uthi loluhlelo kwabonakala lusebenza kahle ngesikhathi esengaphansi kombutho wezekuvikela wakuleli, i- South African National Defence Force, ngaphansi kwezeMpilo ngo-2003. Uthe: "Cishe u-60% wemithi esemakhemisi kanye nasemitholampilo eyeziguli eziphethwe izifo zamahlalakhona.

Lokhu kuholela ekutheni abantu bagcine sebelinda isikhathi eside ezikhungweni zezeMpilo, futhi lokho kudala umsebenzi omkhulu kubasebenzi bezeMpilo ngokungenasidingo.

Kanti loluhlelo lwe-CCMDD lwenza kube lula ukusabalalisa imithi yeziguli eziphethwe amahlala khona ezingadingi ukuya ezikhungweni zethu. "Impela kuvunyelwene noHulumeni kazwe lonke kwezeMpilo ukuthi loluhlelo luyasebenza, asisekho isidingo sokuthi iziguli zize ezibhedlela ukuzolanda imithi ikakhulukazi lezo ziguli zamahlala khona, njengoba ziningi izindlela zokuthi zithole imithi yazo ngaphandle kokuza ezikhungweni zezempilo."

Kunendawo lapho imithi yonke esukela khona bese ithunyelwa endaweni lapho isiguli sizoyilanda khona ifakwe kahle emaphepheni elibhalwe igama lomuntu ngaphandle kokudalula ukuthi eyani noma isiguli siphethwe yini. Cishe uyazibuza ukuthi ungahlomula kanjani kulolu hlelo? Kulula. Kufanele uye esikhungweni soMnyango wezeMpilo esiseduze nawe uyobhalisa, ukuze utshelwe ukuthi iyiphi indawo eseduze ongalanda kuyona imithi.

Kuphathwa umazisi noma incwadi yokunqamula amazwe (passport). Unikwa ikhadi elibhaliwe ukuthi imithi yakho ungayilanda nini.

Uzoshiya imininingwane yakho ukuze utshelwe ngomyalezo womqhafazo (SMS) uma imithi yakho isikulungele ukulandwa. Iziguli ezingezukwazi ukuzilandela imithi zivumelekile ukushiya imininingwane yalabo ezifisa bazilandele yona.

Nonompilo bayakwazi ukuzilandela iziguli imithi bazihambisele emakhaya uma bebhalisiwe, futhi lokhu kuvunyelwene ngakho.

Nakuba uMnyango Wezempilo uthokoza ngokudlondlobala kwalolu hlelo lwe-CCMDD, lokhu akusho ukuthi umphakathi ungabe usazihambela izikhungo zezempilo ukuyothola ukuxilongwa okufanele kwenzeke noma umuntu engaguli.

Umnyango usazoqhubeka nomkhankaso wokusabalalisa lolu hlelo esifundazweni sonke, kanjalo futhi ufundise kabanzi umphakathi ngalo. Uma unemibuzo ungashayela inombolo yamahhala ethi: 0800 070 070, noma uthumele umyalezo wokucela ukufonelwa (uPlease Call Me) kwethi: 073 161 7102.

